# *IMIBUZO NEZIMPENDULO*

Unayo into ongashumayela ngayo na? [Omunye uthi, "Qhabo, mnumzane."—Umhl.] Kanjani ngoMfowethu Beeler lapho? ["Angazi ngaye."] Mfowethu Beeler, unawo umlayezo wakulobubusuku na? [UMfowethu Beeler uthi, "Qhabo, mnumzane."] Ngi—ngithe nje ukusha izwi kancane. Bengiseneminye—minye imibuzo namanje. Uma bebengazange . . . Uma omunye walabababafowethu ubengathatha futhi ashumayele, ngizojabula.

Manje, ningaxhuxhumi. Lena akusiyo i . . . Lokhu nje ngezinye izindwangu zomkhuleko ziya e-Afrika. Konke lokhu kuzosikwa kube yizindwangu zomkhuleko, futhi bebefuna ngikhulekele phezu kwayo ngaphandle lapha kulobubusuku, kanye nezinye izimvilophu ezigcwele. Futhi ngicabange ukuthi nje sizonikela konke lokhu e—eNkosini. Konke lokhu kuzosikwa ukuba kuhambe phambi kwami ukuya e-Afrika. Manje, niyazi ukuthi zingaki izindwangu zomkhuleko ezokwenziwa uma isiba nkulu kangako ngayinye, izinkulungwane zazo. UMfowethu Fred waletha amakhulu ayisikhombisa ngoluny'usuku emvilophini encane ethi ayibe ngako. Futhi ningazibonela ukuthi lokhu—izokwenza ezingaki lena. Ngakho si . . . Kancanyana nje, ngani, sizokhulekela phezu kwayo.

2 Manje, ngithe ukusha izwi kancane, kodwa ngithe ngizobuya ukuba ngiphendule eminye yale—lemibuzo ngakho konke ebengingakwenza. Futhi manje, njalo, uma kufika lezizimvuselelo, iqala ukugovuza okuncane. Futhi ngifuna—ngicabange ukuthi mhlawumbe lokhu bekuzothi nje ngisho ukuchezukelana nebandla, niyazi, ngoba ngezinye izikhathi into ethize ingahle ukuba ishiwo ibandla elingayiqondanga. Futhi bakunika ithuba lokubhala umbuzo wakho ngqo manje. Ngizoninika leyo enginayo; bese kuthi-ke, uma ninanoma yini enjengawo, anizukudingeka ukuba niwubhale.

Futhi manje-ke omunye wayo uthi: **Ngicela uchaze kwabaseRoma 7:25.**

Olandelayo: **Uthe umuntu angaphila asondele kakhulu kuNkulunkulu ngangokuthi akonanga.**

**Siyoba njani ekuvukeni na?**

**Mfowethu Branham, umuntu ufanele enzeni uma belandele zonke iziyalo ozifundisile; bese kuthi-ke, umemukela kanjani uMoya oNgcwele na?**

**Ngicela uchaze amaHeberu 6:4 bese ukuqhathanisa namaHeberu 10:26.**

Futhi: **Kuchaza ukuthini ukuthi ukumiselwa ngaphambili ngaphambi kokusekelwa kwezwe; futhi kukuphi eBhayibhelini ongathola into enjengaleyo na?**

3 NoDadewethu Mc-. . .Qhabo, leso—leso yisicelo somkhuleko.

4 Manje, lowo yimibuzo yethu esinayo kulobubusuku. Uma ninomunye ngenkathi sisenokokwandulelisa okuncane nje lapha, awu, wenyuseni, futhi nje sizozama. . .Manje, uma ukhona umbuzo engqondweni yebandla mayelana nanoma yini e—esinayo, ngani sizothanda nje uku—ukuba sikwazi uku—ukunisiza ngakho konke esikwaziyo ukuthi kanjani. Niyabo?

5 Futhi ngifuna nikhumbule njalo ukuthi lokho engikushoyo lapha, angisho ukuthi lokho kuyiQiniso eligcizelelwe nayo yonke into. Kungokwedlula konke engikwaziyo ukuthi kuyiQiniso eligcizelelwe lakho. Ngi—ngingaba nephutha njenganoma yimuphi nje osazofa, kodwa nje ngi, Mfowethu Jackson—nje ngizame ukukuchaza ngendlela engicabanga ukuthi ilungile (niyabo?), indlela engikubona ngayo, Mfowethu Mike, eBhayibhelini, nje. . .Futhi ngitadisha lezizinto, angikuthathi nje endaweni eyodwa. Ngi—ngibuyela emuva futhi ngikukhiphele kuGenesisi, futhi ngikukhiphele eSambulweni, kuqonde ngqo eBhayibhelini.

6 Bese kuthi-ke, wawungaletha u—ngisho nodaba ulwedlulise. Kodwa, uma lungavumelananga naWo wonke phakathi lapho, wonke umBhalo, khona-ke kwakuba ngokungesikho noma kanjani. Uma wawukulethe noma kuphi, kwakufanele ku—kwakufanele kulingane nayo yonke eminye imiBhalo. Niyabo? Nawo wonke umBhalo uzolingana khaxa uma Ubekwe ndawonye ngokufanele, uma. . .Kufana nomdlalo oyindidane nje wokubuyisela endaweni yazo zonke izicucu zamapulangwe ezisahwe ngokugwegwesa. Futhi angiqondile uku. . .Uma ngisho iphutha, khona-ke Nkulunkulu ngithethelele. UmBhalo uyinto efaniswa nomdlalo oyindidane wokubuyisela endaweni yazo zonke izicucu zamapulangwe ezisahwe ngokugwegwesa. Niyabo? Lokho. . .Konke kubhidlikile kwase nje kuxutshaniswa ebhokisini, futhi kuthatha uMoya oNgcwele ukuhlanganisa lokho. Niyabo? Futhi—futhi singeke sakwenza. Manje, akukho zihumusho ezehlukene ezingamakhulu ayisishiyagalolunye namashumi ayisithupha nesishiyagalolunye kuWo, ngoba iBhayibheli lathi umBhalo awuchasiswa ngumuntu ngokwakhe. Ungendlela Obhalwe ngayo nje. SiWukholwa ukuthi nje uyi. . . (Ngiyabonga, Mfowethu Pat.) Si. . .Ungendlela nje O—Obhalwe ngayo eBhayibhelini; yileyondlela esifanele siWuthathe ngayo, kanjalo. Ngakho uma sizama ukuWenza usho into ethize lapha, awu, Ungeke usho into efanayo ngapha-ke. Niyabo, uma si—uma sibeka. . .Ufanele wenze umBhalo uziphendulele Wona lapha, uziphendulele Wona lapha, uziphendulele Wona lapha,

nje ngamunye uyongena endaweni yaWo ngqo ukuWenza wonke wenele khaxa.

7 Futhi manje, ngicabange ukuthi mhlawumbe… Bengizokhuluma futhi ngisho ukuthi bengingathanda kulobubusuku, *SiBonile iNkanyezi yaKhe kwelaseMpumalanga, futhi Size ukuKhuleka kuYe;* kodwa nje anginalo iphimbo elenele, bese kuthi-ke, ukwenza lokho. Ngathola ukushisa lapha ngobunye ubusuku futhi ngaphuma. Futhi ngangishisa kakhulu ngenkathi ngingena emotweni, ngavele ngashunqa khona impela nje. Ngehlisa ifastela ngase ngiya ekhaya. Awu i—ngicabanga ukuthi lokho kwakungobusuku bangoLwesine noma oLwesihlanu. Ngabo impela ubusuku obulandelayo, ngaqala ukuthola—usuku—ngaqala ukuthi ngishe izwi kancane, uhlobo lwe…O, yi…angi—ngiguli, akukho mkhuhlane, akukho kugula, akukho kugodola; kodwa nje kufana—fana nobuhlungu basemphinjeni emphinjeni wakho nje ngokukhuluma no—nokulimaza ngokushumayela kanzima, kwase-ke—kwase-ke kubanda. Kodwa kuzo—kuzolunga kolunye usuku noma ezimbili, mhlawumbe ngeSonto. Ngingahle ngehle ukuzosiza uMfowethu futhi. Emva kokuba eseqeda ukushumayela, ngizohamba ngihlolisisa futhi ngibone ukuthi yini enye esele.

8 Bese kuthi-ke—bese kuthi-ke ngifuna lonke ibandla ukuba lemukele uMoya oNgcwele. Manje, umalokazana wakwami uhlezi lapha. Hhayi ngoba engumalokazana wakwami, hhayi ngoba elapha, ungomunye wamantombazane anomoya omuhle ukwedlula onke engaziyo ngawo; uyintombazane enhle kakhulu, uLoyce. Futhi uphuma ezintweni ezinkulu kwimuva lakhe, lapho adingeka ukuba aphume emndenini owawungamkhonzi uNkulunkulu kanjalonjalo. Ngiyamdabukela umntwana, wadingeka akhule kanjalo. Futhi manje, ufuna uMoya oNgcwele, futhi uzile ukudla kwaze kwabanzima ukuba asukume, ezila ukudla futhi ekhulekela uMoya oNgcwele.

9 Udadewethu, uDolores, wathi, "Bill, nje ngi…Ngenkathi ibandla lali—amandla ayesebandleni," wathi, "Ngezwa nje sengathi ngingasuka ngindize. Kwase kuthi-ke, uma wonke umuntu—uMoya oNgcwele uqala ukwehlela phezu kwabantu," wathi, "Ngavele ngahlala lapho nje ngase ngiqalaza." Niyabo? Awu, niyabo, nalowombuzo uphakathi lapha kulobubusuku, ngalokho. Ngakho ngicabange ukuthi lokho mhlawumbe kungahle kulisize ibandla ukuba—ukuba lemukele. Futhi manje, angifuni ukuthatha umhlangano womkhuleko wangoLwesithathu ebusuku futhi ngiwephule ube yinto enjengaleyo, kodwa ngi—ngifuna ukuqiniseka ukuthi ibandla liyaziqondisisa lezizinto (niyabo?), ngaphambi…

10 Futhi ngangikhuluma nje kudokotela lapha ngeSonto, ngabuya ngemuva kwendlu yokukhonzela lapha e—ngemuva lapha kwingemuva lendlu yokukhonzela. Wayengudokotela wezokwelapha. Wayekade eshayela esuka le (kukuphi lapho

ikomkhulu le-Assembly of God elikhona manje na? E. . .) eSpringfield, eMissouri, ukwethamela umhlangano.

Wayesethi, "Mfowethu Branham. . ." (Manje lokho kuvela kwikomkhulu le-Assemblies.) Wayesethi, "Yonke impilo yami bengimangala ngalokho." Wathi, "Kungokokuqala ukuba ngize ngikuxazulule empilweni yami." Wathi. . .Wadibana nami emuva lapho ekamelweni, ehlezi, udokotela wezokwelapha.

11 Futhi—futhi ngakho, uMfowethu Mercier noMfowethu Gene Goad emuva lapho neziqophi. . .Njengamanje, uMfowethu Mercier uthe uthole okuhle ukwedlula konke emhlanganweni lapho—lapho esichaze khona lokho—lokho ngenkathi lowoMoya oNgcwele ungena emhlanganweni wase—wase uzicaza Wona, noNkulunkulu ezahlukanisa Yena uqobo phakathi kwabantu baKhe. . .Awu, yilokho-ke Okwenzayo. Bese kuthi-ke, uma abantu bakaNkulunkulu beqala ukuba babuye babuthane ndawonye, kukhona ubunye, kukhona amandla. Niyabo? Futhi zonke izikhathi nxa abantu bakaNkulunkulu bebuthana ndawonye ngokuphelele, ngikholwa ukuthi ukuvuka kuyokwenzeka-ke. Kuyobakhona isikhathi sokuhlwithwa lapho uMoya oNgcwele uqala ukukubutha. Ba—kuyoba sengcosaneni ngesibalo, kusobala, kodwa kuyobakhona ukubuthana okukhulu.

12 Manje, lezizindwangu zomkhuleko ethunyelwayo, *iVoice of Healing*. . . Ngikhona masinyane, ukuqala konyaka, uma iNkosi ivuma, ngi—ngiya eKingston, eJamaica, ngingene eHaiti, futhi ukusuka lapho. . .U—umongameli waseHaiti ungithumelele isimemo, na—nawo wonke umbutho wezempi ukuvikela. Banokuvukelana lapho. Futhi okuyikho, ufuna size naloluhlobo lwenkonzo, okungukuthi wayekade ezwile ekade engale e—eSan Juan ngonyaka odlule ngenkathi sasilapho. Wathi wacabanga ukuthi leyo kwakuyiyonanto kuphela eyayingasindisa izwe lakhe. Niyabo?

13 Manje, uma nginomngani oyiKatolika ohlezi lapha, angikusho lokhu kube—ukukuthuka kumbe noma yini; angikuqondile ngaleyondlela. Kodwa ibandla eliKatolika lizama ukudla iHaiti (niyabo?); nento kuphela ezoyisindisa, kuzoba yiProtestane, lizamazamisa imvuselelo khona manje. Niyabo? Futhi kwakukuhle ngempela, futhi ngiyakuthokozela. Futhi ngakho ngamtshela, ngeviki likaKhisimuzi nezinsuku ezimbalwa ezizayo manje, emva kwakusasa, sizohamba sithi ukuzila ukudla futhi sikhuleka, futhi sibone ukuthi yiyiphi indlela iNkosi ezosiholela kuyo.

14 Bese kuthi iNingizimu Melika. . .Bese kuthi-ke, ngizizwela impela ngiholeleka ekutheni ngiye e—eNorway. Impela nje ngiholeleka ekutheni ngiye eNorway ngalonyaka, bese-ke kuba, i-Afrika nayo. Nalokhu ku—kuzosikwa kube yimidweshu emincane bese kuthunyelwa e-Afrika ngaphambi komhlangano.

Bakanjalo-ke abantu abaningi . . . Ningawuthola umqondo ojwayelekile ukuthi bangaki abantu ababiza izindwangu zomkhuleko manje uma uzwa ukuthi uyeza, niyabo, nje uthola—uthola ukuxhumana futhi. Ngakho lezi yizindwangu ezincane ezisikiwe nazo futhi zilungele ukuthunyelwa ku—kubantu abehlukene.

15 Ngakho ndawonye naleliBandla elikhulu likaNkulunkulu oPhilayo, asikhothamise amakhanda ethu okomzuzwana nje manje. Futhi ngamunye wenu ngendlela engeyakho, ukhulekele ukuba uNkulunkulu agcobe lezizindwangu. Manje, kuqala ngicaphuna umBhalo othi, "Bathatha emzimbeni kaPawulu amaduku noma izindwangu, base bezibeka phezu kwabagulayo, nemimoya emibi yaphuma kubantu, nezinhlupheko; futhi baphiliswa."

16 Nkosi, phezu kwalelideski elincane elibekwe lapha yonke leminyaka, nokuthi Usibusise kakhulu kanjani, futhi i—iVangeli njalonjalo liwele lokhu, ne . . . Ukuba lelideski elincane kuphela belingaba namehlo noma likwazi ukukhuluma, belingaxoxa ngamakhulu ezimangaliso ezinkulu ezenziwe khona lapha phambi kwalo: abakhubazekile, izinyonga, izimpumputhe, abagogobaliswe ngumdlavuza. Namandla kaNkulunkulu oPhilayo azisiwe kulesisakhiwo esincane. Futhi Baba Nkulunkulu, siyaKubonga nje ngazo zonke lezizinto.

17 Futhi manje, ibandla libuthane ndawonye kulobubusuku ukukhonza Wena. Sizele u—ukuphendula imibuzo obuziwe. Kungubuqotho nezinhliziyo zabantu ukuthi lezizinto ziyabadida engqondweni yabo. Futhi Nkosi, siyaqonda, ukuthi uma noma yini isidida, singeze neze saba nokukholwa, inqobo nje uma kukhona umbuzo. Ngakho asifuni-mibuzo.

18 Nkosi, sibona isidingo sombhaphathizo kaMoya oNgcwele phakathi kwabantu bakithi naphakathi kwalelibandla. Futhi si—asifuni mibuzo engqondweni yabo. Sifuna konke kucacisiwe, ukuze bazokwazi ukuthi Kuyini uma Ufika, futhi bazi ukuthi Ungowabo.

19 Bese kuthi-ke, phesheya kolwandle, le ngaleya phakathi kuleyomeno lapho izigubhu zikhala khona, nabanochoko balele macala onke e—phansi kwezihlahla, nezimpukane zibhuza, ne—nemilenze yabo inqamukile nezindlebe zabo zidleka nobuso babo budleka, uchoko. Iphunga elibi, Nkosi, kuze kube l'khuni ukuba uze phakathi nebanga lendlu yasedolobheni kubo. Nabantwana abancane abampofu bengenakudla, bengenazingubo . . . Futhi bayangithanda, Nkosi. Futhi ba—bayikholiwe inkonzo, emva kwaMandla kaNkulunkulu oPhilayo esephilise abaningi kakhulu babo. Futhi bengingakabi nakho ukuphumula emoyeni wami kusukela ngosuku engasuka ngalo e-Afrika, ngazi ukuthi labo abampofu, abantu abadangele bakulesosimo esesabekayo lapho, futhi baphila ezimweni

zezinkoloze. Nesangoma, namathambo omuntu siwashaya ngeminwe yaso, futhi sibiza imimoya emibi, futhi o, indawo enje—enje pho, nokucabanga-ke, lapha eMelika, amabandla athandekayo nezindawo ezinkulu. Futhi, Nkulunkulu, nokwazi ukuthi labobantu badinga kakhulu, ngibabone beza emhlanganweni, balale phezu komunye nomunye, futhi abaningi babo bafa belele lapho, nje bezama ukuzwa amazwi ambalwa avela komunye abawashilo oKwaziyo. Izinhliziyo zabo iqale ukuvuka, Nkosi, lokhu uMlayezo nezincwadi zibhebhetheka ne-Afrika yonke manje. Imililo, kubukeka kanjalo, iqala ukokheleka futhi.

20 Nebandla laKho elikhulu lapho, elaliyibandla elinamandla, labhidlika laba yizicucu, o Nkulunkulu, futhi lehlukanisa elilodwa kokungaphezu komqondo wokuyikho ngegama nje, na—nabanye basalokhu bezama ukubambelela eQinisweni noMoya. Futhi manje, izinkulungwane ziyathunyelwa manje; bafuna izindwangu zomkhuleko ngokushesha e—engizikhulekele. Kulezizimvilophi ezincane lapha yi—yizicelo zomkhuleko wethu, zamaphasela amancane esiya kwabadingayo. O, Nkulunkulu waseZulwini owenza amazulu nomhlaba, ngikhuleka kuwe, Nkosi, eGameni likaJesu ukuthi Uzongcwelisa sonke isitishi salempahla. Futhi kwangathi uMoya waKho oNgcwele ungahamba naso sonke isitishi sayo, Nkosi. Futhi uma sibekwa phezu kogulayo nohluphekile, kwangathi imimoya emibi ingasuka kubo.

21 Ngicabanga emuva kuleyomeno lapho lezizinto zizoya khona, eziningi zazo, lapho aba—bekhonza khona ngisho nodeveli. Ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi akazukuba neyodwa indawo yokuma, ukuthi uzosuka emakhempini, nabantu bazolethwa ekwazini iNkosi uJesu. Siphe khona, Nkosi. Kwangathi izigulo zabo zingaphiliswa, izinkathazo zabo basinde kuzo, nemiphefumulo yabo isindiswe, naMandla kaNkulunkulu abe ngawokuqala ezintweni zonke. Siphe khona, Baba. Sithumela sonke isitishi salempahla njengento eyodwa. Eziningi izinkotha zomlilo iphakathi lapha kulobubusuku, Nkosi, futhi kanyekanye sithumela imikhuleko yethu kuWe ngokumela lokhu, ukuthi wonke umuntu uzophiliswa ebekwa phezu kwakhe. EGameni likaJesu Kristu. Amen.

22 Manje, niyangizwa ngemuva, kahle impela emuva lapho manje kulobubusuku na? Lokho kuhle. Ngicabanga ukuthi sizojabula kakhulu uma sithola enye indlu yokukhonzela lapha, ngoba lezizinto ezincane zisidonsela phansi, zinqamula iphimbo lakho futhi a—awukwazi ukuzwa kul'khuni impela.

23 Manje, ngiyaqonda futhi kulobubusuku, ngi—ngisondela ezinkundleni . . . Mfowethu Wood, ngingakakukhohlwa, nginalo leloduku. Awunginikanga iduku lomunye umuntu na? Noma bekunguwe na? Omunye unginika iduku ukuba ngilifake ephaketheni lami futhi ngiligqoke, futhi selokhu ngibenalo,

ngesikhathi somhlangano. Angazi ukuthi bekungubani. Bengicabanga ukuthi bekunguwe othe, "Lifake leli ephaketheni lakho wenzele omunye umuntu." Omunye . . . [UMfowethu Neville uchaza iduku kuMfowethu Branham—Umhl.] Ngabe beliyilokho na? Mfowethu Jackson, ubunalo iduku wenzela omunye umuntu na? Yileli. Kulungile. Leli . . . Yebo, mnumzane. Awu, leli lizobakhona lapha, Mfowethu Jackson, uma ulifisa. Futhi manje, ngiyazi kukhona onginika lona, wathi, "Ligqoke ephaketheni lakho." Ngase-ke, ngilifaka ebhantshini lami futhi sengikhohliwe ngalo.

24 Manje, ku . . . Manje, uma iNkosi ithanda, nephimbo lami likahle, phakathi kokuthi kungeSonto ekuseni noma ngeSonto ebusuku, okukodwa, iNkosi ithanda, ngifuna ukukhuluma ngomlayezo kaKhisimuzi enginawo wenu: *I—IsiBonakaliso Esingenakuphosisa*. Niyabo? Ngisalokhu . . . Ngikushaye ngeSonto ekuseni, kwase kuthi-ke, into ethize ishaye umlilo enhliziyweni yami. Futhi nje bengikude kakhulu kanye nomlayezo ukubuye ngiwucoshe futhi. Ngakho ngi—ngifuna ukuwucosha ngeSonto ekuseni, iNkosi ithanda, noma ngeSonto ebusuku, okukodwa. Ngakho uMfowethu Neville nami sizobuthana ngalesosikhathi.

25 Manje, njengoba uMfowethu Neville eshilo, kanjalo nami ngifuna ukubonga ngamunye wenu ngokukhunjulwa kukaKhisimuzi, amakhadi enu. Mfowethu noDadewethu Spencer, nginalo elakho. Nabo bonke abehlukene lapha eningithumelele amakhadi enu, macala onke, ngiyawathokozela neziphiwo nezinto enizithumelile. Sikuthokozela ngempela. Ngokuvela—vela kumkami, nami, na—si—nabantwana, siyanibonga. Besingathanda ukuba sikwazi ukuthumela isipho sikaKhisimuzi kuwo wonke umuntu, kodwa lokho impela bekungaba yinto el'khuni kumshumayeli ukuba ayenze, besingeke sakwazi? Awu, mhlawumbe macala onke ngangabaningi okufanele kuye kubo, bengingeke nje ngakwazi ukukwenza. Niyabo? Nje ngi . . . Kodwa ngifisa sengathi bengingathola ngisho nabantwana, wonke umuntu, into ethize. Impela bengingathanda ukukwenza, kodwa nje aku . . . Abefundisi abakwazi ukwenza lokho. Niyabo? Kuningi kakhulu nje okungayothengwa. Kodwa sisonke, ngiqinisekile, mina uqobo nabanye futhi, ukuthi siyalithokozela ibandla lethu. Enye yezinto ezinkulu kunazo zonke engicabanga ukuthi niyenzile, wuthando lwenu nokukholwa kwenu okungafiyo enilufake kimi njengowenu—omunye wabelusi benu lapha, na—lonyaka.

26 Mfowethu Neville, lokho kukuwe futhi, mfowethu othandekayo. Nomoya omuhle uMfowethu Neville abehlala njalo ewukhombisa, njengokuthi, "Woza uqhubeke ngqo, Mfowethu Branham; nanti ipulpiti, lithathe ngqo. Akabusiswe uNkulunkulu, ngithanda ukuhlala phansi futhi ngilalele." Futhi ngi—ngiyakuthanda lokho. Nje ngi—ngiyayithanda leyo

ethobile, indlela yokungabi nabugovu uMfowethu Neville anayo.

27 Nokukholwa kwenu nonke, futhi nje...Into eyodwa eningangisiza ngayo, ngukuba ningikhulekele. Manje, ngizoba nesigejane semihlangano emabalabala ngaphambi nje kokuba uhlelo lohambo luqale. Manje, ba—bazobekwa macala onke, ngiyacabanga, ezansi ukuzungeza iGlasgow, iKentucky, ngizoba nobusuku. Mhlawumbe eCampbellsville, eKentucky, ngizoba nobusuku. Na—nangale kwenye indawo ethize lapho eKentucky, eWillow Shade, ngikholwa ukuthi yiyo, nginobusuku. Ngokuba...Nje ngokuhambisana kanjalo, ngizonazisa masinya nje uma sesiyiqondisile, ngemihlangano ozayo, okuzoba nje yimihlangano embalabala manje, ngize ngibuyele ensimini futhi.

28 Kodwa ngizinikele mina uqobo ngokusha nakabusha ngobunye ubusuku kuNkulunkulu. Nangosizo lukaNkulunkulu nangomusa kaNkulunkulu ngiqonde ukuhlala emahhanisini ngize ngife. Niyabo? Ngikwenzile lokho lapha eminyakeni engamashumi amathathu edlule. Futhi kade ngise...Kodwa ngithola ukukhathala kakhulu ngezinye izikhathi, ngedlula ngaleya kwami uqobo. Ngingena endaweni nje lapho engingakwazi nje ukuqhubekela phambili. Niyabo, nonke kuphela niyakubona nje khona lapha. A—aniqondi nje ukuthi kuyini phezulu lapho, nangaphandle ngaleya, nangaphezu kwalapha. Futhi—futhi akuveli ngisho nakwelilodwa—akuveli nakwelilodwa idolobha, qhabo; isifundazwe esisodwa, qhabo; akuveli kwi-United States; kodwa izwe (niyabo?), emhlabeni jikelele. Niyabo? Nalokho—lokho ngabaningi, ngiqagele, abasekuxhumaneni kulobubusuku, ngihlangane noma ngaxhumana, hhayi ngezinkulungwane, kodwa izigidi zabantu. Niyabo? Futhi nje beningamangala ukuthi bangaki labo abagulayo. Niyabo? Futhi bayabiza; futhi kwenza ingcindezelo enkulu.

29 Ngakho ngiyayithokozela yonke imikhuleko yenu. Futhi ngosizo lukaNkulunkulu nomusa, uKhisimuzi oMuhle kakhulu kini nonke. Khumbulani isisho sami, lona akusuye uSanta Claus, lona ngokaJesu. Niyabo? Ukuthi *Khisimuzi* kusho ukuthi "Kristu." Futhi besigibele izolo ebusuku, sikhombisa abantwana zonke izindlu zihlotshisiwe nayo yonke into, okungukuthi kuhle kakhulu. Kodwa ngacabanga, uma ngingake ngize ngibe—noma yini endlini yami, ebengingake ngize ngifune ukukubhala, bekungaba yisayini ekhanyiswa ngogesi: *Ukwethemba uKristu KuZoba KuKhisimuzi Wakho*. Kunjalo. Buyisela uKristu kuKhisimuzi.

30 Manje, Baba Nkulunkulu, sesisondela emibuzweni manje. Siza ngabo ngempela ubuqotho, ngempela. Na—nalababantu abaligugu, Nkosi, ubeke lemibuzo futhi—osezinhliziyweni zabo, futhi mhlawumbe abanye abaningi futhi esakhiweni; futhi

bafuna ukwazi nje ukuthi bazokwenzenjani. Futhi Baba, ngi—ngiyisibambiso saKho esimpofu kakhulu, kodwa ngikhulekela ukuthi Uzongisiza ukuba ngazi iZwi laKho, ukuthi Lizoletha ingxenye enelisayo kuwo wonke umbuzo. Lokhu-ke sikushiyela ezandleni zaKho, futhi eGameni laKho siyakucela. Amen.

31 Manje, umbuzo kaMfowethu Pat lapha ungomuhle ngempela, ngempela. Ngingahle nje ngiqale ngalowo, Mfowethu Pat. Manje, uma nonke nina abanye ninombuzo, ubhaleni nje bese niwubeka phezulu lapha, noma—noma uMfowethu Pat uzonilethela isiqephu sephepha uma ningenaso isiqephu sephepha; noma ngizojabula nje ukwenza konke engingakwenza ukuwuphendula.

Manje, lona ngumbuzo ngempela, Mfowethu Pat. Lona uzwakala sengathi unamancoko, kodwa ngumbuzo.

**101. Ikuphi imimoya manje eyangena ezingulubeni na? Ikuphi imimoya eyangena kulowo mhlambi wezingulube ngalolosuku ngenkathi uJesu eyikhipha ohlanyeni na?**

32 Awu, Mfowethu Pat, ngokwazi kwami okwedlula konke . . . Manje, sesiqala ngobudemoni ukuqala nje. Manje, ubudemoni yinto enkulu. (Manje, abanye benu mababhekisise iwashi elikhulu futhi ningangiyekeli ngihambe isikhathi eside kakhulu embuzweni owodwa.) Kodwa lawomandla amademoni, leyomimoya wawusendodeni eyayibizwa ngoLegiyona kuqala. Akunjalo lokho na? Futhi ngoba igama layo lalinguLegiyona, ngoba u*Legiyona* ngesiHeberu usho “okuningi.” Niyabo? Ayemaningi awalawo.

33 Futhi leyomimoya owawukuleyondoda ethandekayo yayiyihlanyisile. Futhi uma noma ubani owake wabona umuntu owuhlanya noma waphathelana nabo, ziningi izikhathi amandla abo—abo—abo, ngoba bakhwelwe kakhulu ngudeveli. Uma wake waba ngakhona lapho u—umuntu belahlekelwe yingqondo yabo, o, kuthatha indoda akahle amaningana ukubabamba. Futhi banamandla aphindwe kabili noma kathathu kunamandla awo.

34 Manje, uma umuntu ekhubazekile noMoya oNgcwele futhi ubabambe, uma udeveli enalawomandla angako ukwenza indoda ibe namandla omuntu aphindwe kathathu noma kane, angakanani amandla uNkulunkulu angawafaka endodeni na? Niyabo? Yilokho okufika phezu kwayo ukuyenza ihambe ngamandla kaNkulunkulu, lapho ekade ilele ikhubazekile iminyaka. Amathambo ayo aphuma aqonde; nezandla zayo ziyaqonda; iyahamba, futhi njengendoda entsha esencane, ngoba amandla kaMoya oNgcwele aphezu kwayo.

35 Manje, lena yayimibi kakhulu baze bayithandela indoda ngamaketango, futhi yayikwazi ukuwagqabula. Futhi bathi yayiwagqashulile. Futhi kwakungekho—lutho olwalungayibopha. Yayiyindaba embi ngempela, ngoba yayinolegiyona bamademoni kuyo. Kwase kuthi-ke, ngenkathi

i . . . UJesu wawela wayesengena eGadara wayeseqala ukwehla ngasemathuneni . . . Futhi yayiyimbi kakhulu, hhayi indoda (niyabo?), indoda yayikahle.

36 Akusiyo indoda. Uma ubona umuntu onjalo, ungalokothi ucabange ukuthi yindoda; ngudeveli osendodeni.

Manje, lolohlanya emsamo ngalobo busuku, lwaluzongibulala, enhla e-Oregon. Leyondoda, ngi—ngenkathi iza kimi, esikhundleni se . . . yona ingiphimisela ebusweni bami futhi ingibiza nge "nyoka esotshanini" phambi cishe kwabantu abayizinkulungwane eziyishumi, awu, kwakungesikho lokho, kwakungesiyo indoda. Iyindoda edlayo, iphuze, ilale, mhlampe inomndeni, futhi iyathanda, futhi—futhi njengoba nginjalo nje noma unjalo wena. Kodwa kwakuyilowodeveli kuyo owayenza lokho. Niyabo?

37 Futhi awulikhiphi neze idemoni ngesimo esingafanele. Kuthatha uthando ukwenza lokho. Nothando luyimpoqo enamandla edlula yonke ekhona ezweni. Manje, uma niqaphela, udeveli njalo uyazonda. Ukuzonda kungokukadeveli. Futhi uma abantu bezonda omunye umuntu, khumbulani, kungudeveli osabekayo ukwedelela nokungathandi. Anifanele nenze lokho.

38 Niyakhumbula ukuthi i—i . . . UJesu washo entshumayelweni yaKhe ukuthi uma nikhuleka, "Baba wethu OseZulwini," . . . Futhi ngenkathi Ehla, Wathi, "Uma enhliziyweni yakho ungathetheleli wonke umuntu iziphambeko zakhe, noYihlo waseZulwini angekuthethelele iziphambeko zakho." Niyabo? Awufanele wenze lokho.

39 Kodwa manje, lapho udeveli edala khona amandla enzondo (niyabo?) ukugijimela emsamo ukuzongibulala, yona ngokwenyama, yayinamandla angaphezu kokukwenza, izikhathi eziningi ngaphezulu . . . Yayingangibamba ingiphakamise, mhlampe, eminweni yayo emibili, ingiphakamise ngqo ngebhande kanjalo, ngoba yayisinda amakhulu amabili namashumi ayisithupha noma amakhulu amabili namashumi ayisikhombisa; yayedlula amadoda ayisithupha nohhafu noma iyinde ngamafidi ayisikhombisa, umfo omkhulukazi. Futhi nje . . . Yavele nje yashaya umshumayeli yamlahla phansi emgwaqeni ngenqindi yayo, yamephula inqwababa nomhlathi, futhi yamlimaza, yase imfaka esibhedlela. Yayibazonda nje abashumayeli. Kwase kuthi-ke, yavele nje yagijimela phezulu lapho ukuzongibulala. Niyabo?

40 Manje, kuleyondoda kwakungeminye yalemimoya owakhishwa ezingulubeni eGadara. Abanye balabobantu abampofu baphandle lapha esikhungweni sezinhlanya, bezishaya ngamakhanda ezinsimbini ezigxushiwe, amagumbi. Khumbulani, odeveli abafi neze. Odeveli njalo bayaphila, kodwa kuyobakhona isikhathi lapho odeveli bayodingeka bafe. Bayoshabalaliswa nya. Kodwa manje, bayaphila, futhi

basebenza besuka esizukulwaneni baye esizukulwaneni phezu kwezidalwa ezingabantu. Abanye usesimweni somdlavuza; abanye usesimweni sesithuthwane; abanye usesimweni sesifo sofuba. Bangena enyameni, kodwa kungathithi, abanamandla baze bakwazi ukungena kumuntu. Bazodingeka basebenze ngomuntu, okuletha omunye umcabango, ukuthi uMoya oNgcwele u—usibekela umhlaba, kodwa Ucishe impela ungabi nalusizo Uze ungene kuwe nakimi.

41 UNkulunkulu wethembele kuwe nami. Niyabo? UMoya oNgcwele... Umhlaba ugcwele uMoya kaNkulunkulu, kodwa Uyathululwa. Kodwa U—Ungeke wasebenza uze Ungene kithi, thina zidalwa ezingabantu, ukuba usebenze.

42 Nodeveli ufuna ukusengamela ukuba sisebenze phansi kwakhe. Ngakho uma ethola isimo esithambile, uqala ukufaka isono. Uma engababamba abafake nje endodeni elungileyo, indoda ekahle, futhi ayiyeke nje iqhubeke futhi izame ukuba kahle kanjalo; uma engayibamba kanjalo ize ife, yilokho nje afuna ukukwenza. Uyitholile, ngoba akunandaba ukuthi ulunge kanjani, ukuthi ukahle kanjani, ukuthi unesimilo esihle kanjani, ukuthi uhlanzeke kanjani, ukuthi uqotho kanjani, awusoze wafinyelela eZulwini uze uzalwe ngokusha. UJesu washo njalo. Ngakho akukho... U... Ufanele uzalwe, ufanele uzalwe kabusha, kungenjalo akukho-ndlela ezweni kuwe ukuba uze ungene eZulwini, noma uke—noma uke uze kuKristu.

43 Manje, ngishilo emizuzwaneni embalwa edlule, okungahle kuvuke ekucabangeni kwenu omunye umbuzo, ukuthi ngi—ngifundisile, nalokho kuse—kuse... Ukuthi angikholwa ukuthi kukhona kwesaphakade... Angikholwa ukuthi iBhayibheli lifundisa esaphakade, isihogo esivuthayo. Alifundisi, ngoba uma isihogo siphakade nabantu abaya lapho bayojeziswa phakade, indlela kuphela abebengajeziswa ngayo phakade, bebeyodingeka babe nokuPhila okuPhakade. Futhi sinye kuphela isimo sokuPhila okuPhakade, naleso sikuNkulunkulu. Niyabo? Ngakho bazofanele beze ekushabalalisweni (niyabo?); lokho ngukuthi, ingxenye yabo yenyama ishabalale, bese kuthi ingxenye yabo yomoya ishabalale. Lokho ngukuqothulwa ngokupheleleyo; akusekho lutho kukho. "Kungasali-mpande nagatsha," iBhayibheli likubiza kanjalo. Sebeqedwe nya.

44 Bese kuthi-ke, ngingafakazisa ukuthi kuneziqu eZulwini, ukuthi bonke abayikulingana ngokufanayo, kodwa niyoba nokuPhila okuPhakade okulinganayo. Kodwa iBhayibheli lasho ukuthi amakhosi omhlaba aletha udumo nobukhosi bawo (iSambulo 22)—aletha udumo nobukhosi bawo emzini. Lokho kufakazisa ukuthi kuyobakhona amakhosi emhlabeni omusha, amakhosi nababusi. UJesu watshela abafundi baKhe... Bathi, "Siyoba nani emva kokuba sesishiye ubaba, nomama, nakho konke ukuba silandele Wena na?"

45 Wathi, "Ngiqinisile, Ngithi kini, niyohlala ezihlalweni eziyishumi nambili zobukhosi, nehlulela izizwe eziyishumi nambili zika-Israyeli ngalolosuku." Niyabo, ngenye, yinqubo yasemhlabeni ezoqubuka eyo—eyodlula konke kude. Kulelo akuyikubakhona sono, kodwa nokho bayoba nababusi nokunjalo emizini, lapho yonke into iyoqhutshwa khona ngendlela yokuPhila okuPhakade.

46 Kodwa ababi bayojeziswa ngezono zabo ngokwemisebenzi owenziwe emzimbeni, uyobe-ke usushabalaliswa ngokuphelele nangakho konke nya. Manje, kukhumbule nje lokho. Wena obhala phansi amanothi, kukhumbule lokho.

47 Futhi ungifake erekhodini lalokho, ukuthi sinye kuphela isimo sokuPhila okuPhakade, futhi sifuna lokho; futhi uNkulunkulu yedwa unokuPhila okuPhakade.

Azikho izinhlobo ezimbili zokuPhila okuPhakade, ukuPhila okuPhakade okukodwa, futhi yilokho kuphela okuphilayo. Futhi khumbula, kufake lokhu enothini lakho futhi: Yonke into eyenziwe, eyayinesiqalo, inesiphelo. Yonke into eyayinesiqalo inesiphelo, futhi yilokho kuphela okwakungenasiqalo okungenasiphelo. Futhi yinye kuphela into engazange ibe nesiqalo, nalowo kwakunguNkulunkulu. Naleyo yiyonandlela kuphela ongavuka ngayo ekuvukeni, ngukuba nalokho kuPhila okuPhakade phakathi kwakho. Uyabo? Yileyondlela kuphela oyoke ubuye ngayo, yinto eyayingenasiqalo. Futhi uma sewemukele uMoya oNgcwele, kuwe kuhlala ukuPhila okungazange kuqale futhi okungeke neze kuphele; futhi unakho lokho kuPhila kuwe, khona-ke unokuPhila okuPhakade futhi ningamadodana namadodakazi kaNkulunkulu. Niyabo? Futhi ungeke usafa kunokuba uNkulunkulu ubengafa, ngoba uyingxenye kaNkulunkulu.

48 Sinombuzo lapha esikhashaneni esedlule, phakathi lapha ndawondawo, wokumiselwa ngaphambili, ukubuyisela ngqo kuleyonto efanayo. Uba yingxenye kaNkulunkulu; futhi uma uNkulunkulu azehlukanisa Yena uqobo kuleyoNsika yoMlilo enkulu, nalezozinkotha ezincane zaphumela phezu kwalowo ngamunye walabobantu, futhi Yenza into efanayo namhlanje. Singakufakazisa ngolwazi esinalo, ngezifundiso zeBhayibheli, ngocwaningo lwesayense, isithombe ukukhombisa lokho yiLokho, ukuthi uNkulunkulu uzehlukanisa Yena uqobo phakathi kwabantu baKhe. "Futhi ngoba Ngiphila mina, nani niyaphila," uJesu washo. Singeke safa. Ayikho into enjengethiwa ukufa kumKristu; "Ngokuba okholwa yiMi, noma efa, nokho wophila: Nalowo ophila akholwe yiMi akasoze afa." Niyabo?

49 "Yifa," igama *ukufa* lisho ukuthi "hlukanisiwe." Manje, ngokomzimba, sehlukana nohlangothi lwethu lomzimba, ngoba lokho kuseyiso isono, kodwa umoya wethu ungokaNkulunkulu ongeke neze wehlukaniswa noNkulunkulu, ngoba siyingxenye

kaNkulunkulu. Si—siletha . . . Sibuyiselwa kulowomcabango kaNkulunkulu. Yonke into uNkulunkulu ayenzayo iphelele futhi iphakade. Futhi ngenkathi yona impela imicabango kaNkulunkulu iphumela umbuso wabantu abayoMkhonza, yona impela leyomicabango uphakade. Niyabo? Ingeke isabhubha. Lonke izwi likaNkulunkulu liPhakade. UJesu wathi, "Kodlula amazulu nomhlaba, kokubili amazulu nomhlaba kungedlula, kodwa amazwi aMi awasoze adlula." Niyabo? Aphakade noNkulunkulu. Futhi "Uma nihlala kiMi neZwi laMi likini . . . " Niyabo? Siba yingxenye yeZwi laKhe, ingxenye yokuPhila kwaKhe, ngokuba siyinyama yenyama yaKhe, nethambo lethambo laKhe, nokuphila kokuPhila kwaKhe. Manje-ke ngeke sisabhubha kunoma uNkulunkulu qobo lwaKhe ubengabhubha. Uyilokho-ke uMoya oNgcwele.

50 Umfo omncane usuke lapha ovela eGeorgia, uMfowethu Evans. Ubendawo zonke ezweni lonke. Futhi ungumesekeli omkhulu kamngani wami, uOral Roberts; futhi wa—wakwesekela konke ukusakaza kwetelevishini ezansi phakathi lapho, nenqwaba yezinto azenzayo. Kodwa wathi kimi ngolunye usuku, wathi, "Mfowethu Branham, ngawelela esikoleni sikaMfowethu Jagger. Ngaya ndawo zonke; ngahlala phandle lapho izinyanga ezintathu. Ngangizingela; ngaya ezindaweni, ngayinye yazo, ngase ngikubuyisela endaweni efanayo. Angikwazanga ukuthola indawo lapho enganginesiqiniseko khona (uyabo?), uma ngenza *lokhu,* uma ngenza *lokho,* nokuthi bengingahle ngenzeni *lapha,* noma ngabe ngiyakwenza, noma angikwenzi," wathi, "ngaze ngezwa izimfundiso zakho." Wathi, "Kwase kuthi-ke lokho kwakuxazulula kanye konke." "Ngokuba uma okhonzayo eke wahlanjululwa kanye ezonweni zakhe akasenalo uvalo ngesono." Wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni, futhi unokuPhila okuPhakade ngaphakathi kwakhe kuhlala lapho futhi angeke esafa kunoma uNkulunkulu engafa. IBhayibheli impela. Niyabo? Unakekelwa phakade, ngoba unokuPhila okuPhakade.

51 Manje, lokho akusho ukuthi ungona bese uzedlulela nakho, ngokuba uma wona uyajeziswa ngezono zakho. Kunjalo impela. Kodwa inqobo nje uma ukuPhila okuPhakade kuphakathi lapho, uphila kuze kube phakade. UJesu wathi, "Ozwa iZwi laMi (UJohane oNgcwele 5:24)—ozwa amazwi aMi, akholwe NgoNgithumileyo, unokuPhila okungunaPhakade, futhi akasayikuya ekwahlulelweni, u—kodwa wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni." Niyabo? Konke . . . "Akekho ongeza kiMi uma uBaba waMi engamdonsi kuqala; nawo wonke lowo oza kiMi, A . . . Nawo wonke lowo uBaba waMi aNgiphe yena uyakuza kiMi." Kunjalo. "Wonke lowo aNgiphe yena uyakuza, futhi akekho namunye wabo oyolahleka. Ngiyakubapha ukuPhila okuPhakade futhi ngiyakumvusa ngomuhla wokuphela." (UJohane oNgcwele 6) O, isiqiniseko

esibusiswe kanje pho. Niyabo? Khona-ke anidingi ukuhamba nesabela ukufa futhi nimangala.

52 UNkulunkulu usinike isiqiniseko esiphelele ukuthi singabantwana baKhe. Futhi njengabantwana baKhe, Uyasiqondisa njengoba nje nami ngiqondisa abantwana bami, uqondisa abantwana bakho. Uma bekokungalungile, siyabaqondisa. Uma—uma abantwana bami enza okungalungile, khona-ke kungumsebenzi wami njengobaba ukubaqondisa. Bese kuthi-ke, uma abantwana bakaNkulunkulu enza okungafanele, kungumsebenzi waKhe njengoBaba, futhi Uzoniqondisa. Kukhumbuleni nje lokho, nizoqondiswa. Kodwa inqobo nje uma ungumntwana waKhe, izwe kungcono lingazibeki izandla zalo kuwe (kunjalo!), ngokuba Wathi, "Kungcono kakhulu kuwe ukuba itshe lokusila ligaxwe entanyeni yakho futhi uzikiswe ezinjulweni zolwandle kunokuba ngisho ulethe isikhubekiso phezu kwalaba abancinyane abaNgikholwayo." Kunjalo. Sizoba njani lesosijeziso na?

53 Manje, Mfowethu Pat, ngibuyele embuzweni wakho. Imimoya eyaphuma kuleyondoda, eyayimqhuba njengohlanya (niyabo?), wenza into efanayo namhlanje kubantu. Niyabo? Yileyomimoya, izinkulungwane eziphindwe kazinkulungwane. Nodeveli ungena nokufana nje nomuthi omncane wokudambisa ubuhlungu nodakisayo. Kufana nokuthi nje bathatha intombazane yesikole encane; into yokuqala abazoyenza ngukuyithola ukuba ibheme usikilidi. Niyabo? Lokho kuyithola ukuba iqale. Nento elandelayo abayenzayo, bayothi ukuqina kakhudlwana. Bese kuthi-ke, into yokuqala, kuphethela ensangwini; bese kuthi-ke kusukela kulokho, kuqhubekele enjwayelweni yomuthi osanganisa ikhanda ngempela. Kwenzani na? Kubaqhubela ekuhlanyeni. Bavele bahlanye nje, nodeveli usebatholile. Niyabo?

54 Ngakho udeveli usekubhemeni osikilidi. Leso yisimo sakhe esithambile. Manje, uma ebona ukuthi uthe ukuhlakanipha futhi uzokubamba lokho, akasoze akudedele kuqhubeke kwedlule ukubhema osikilidi. Niyabo? Inqobo nje uma engakubamba lapho isikhathi eside ngokwenele, aze akwazi ukuthatha, athole ukuphila kwakho ukuba kugqashuke, ngoba uyazi ukuthi ungeke wahamba aze ukuba uNkulunkulu usesho njalo. Kodwa uyozwa intshumayelo emva kwentshumayelo, umlayezo emva komlayezo, nesibhakela emva kwesibhakela kukho, nesixwayiso emva kwesixwayiso kukho; futhi uma nje engalokhu egcina ekuvimbela futhi lokhu egcina umqondo wakho ukwenye into, njengokuba ngumuntu othandwa ngabantu, noma ufanele ube nakho, noma into efana naleyo, khona-ke ukubamba lapho nje aze athole ukukukhipha. Noma uma nje engakudedela ujoyine ibandla futhi uthi, "Ngizoba ngumfo omuhle. Ngizophenya ikhasi elisha. Ngizothola . . . Nge—ngenyukela ebandleni futhi ngijoyine ibandla." Uma nje engakugcina phansi kwalokho,

yilokho kuphela azokwenza. Usakutholile namanje, ngoba u. . . UJesu wathi, "Ngiqinisile, ngiqinisile (lokho kungukuthi ngokoqobo, ngokoqobo), Ngithi kuwe, uma umuntu engazalwa ngamanzi nangoMoya, angengene eMbusweni."

Ake nginikhombise into ethize. Kade ngikhuluma nomfowethu ngalentambama, uMfowethu Wood, ngenkathi sisohambweni, phandle nje, ngizama ukuphumuza ingqondo yami, ngibalekele ukukhuluma ukuba ngithole iphimbo elenele ukuba ngikhulume kulobubusuku.

55 Manje, qaphelani! Sehlela lapha futhi sithole uhlamvu lommbila olukhulu oluhle. Luwuhlamvu lommbila oluphelele kakhulu olukhona ezweni. Futhi ngizo. . . Awu, ummbila noma isikhwebu, noma ngabe ufuna ukukubiza ngokuthini. Ngizo—ngizoluwezela ngapha eClark County Fair, futhi ngizowina umklomelo omkhulu ngalo. Luwuhlamvu olwedlula zonke lommbila, ummbila ophelele kakhulu okhona, osewake wabonwa. Ngizothola umklomelo omkhulu ngawo. Ngizolwehlisela eFloyd County; ngizoluthatha ngiluyise eHarrison County. Ngizolunika uhulumeni, futhi ngizoluthatha ngiluyise esizweni. Futhi uwina yonke imiklomelo emikhulu. Wuhlamvu lommbila oluphelele kakhulu. Nososayense nezibuko zabo ezinkulu, babuka ngaso, futhi baluhlole, bonani i. . . Yinani eliphelele lepotashi isivundisamhlabathi, nenani eliphelele lekalsiyamu isakhamathambo, no—nomswakamo ophelele. Yonke into eya kulolohlamvu lommbila luphelele nje ncamashi. Manje, wena uthi, "Ngizolutshala lolo bese ngizitholela olunye uhlamvu oluphelele kulo." Futhi uyalutshala lolo emhlabathini. Ngaphandle uma lowommbila, lolohlamvu oluphelele, lunembewana yokuphila kulo, luyolala lapho futhi lubole, nalokho ngukuphela kwalo. Alusoze lwavuka futhi, akunandaba ukuthi luphelele kanjani. A—alusoze lwavuka luze lumile lunokuphila okusha kulo.

56 Futhi ungathatha indoda. . . Manje, angikuqondile lokhu ukuba ngilimaze imizwa, nje ngi. . . Leli yibandla, leli yitabernakele lami, futhi ngikhululeke nje njengenyoni. Niyabo? Manje ngifuna nikhumbule, ukuthi kulokhu, ukuthi indoda ingaba kahle; ingakhokha izishumi zayo; ingaba qotho; ingasiza umfelokazi; ingasiza intandane; ingaba lilunga lebandla. Ungeke wathola nelilodwa icala ngaleyondoda. Njalo uma kukhona okuzoqubuka, khona impela phansi ephaketheni layo, inopeni wokugcina ebinawo futhi iwunika abampofu. Iyo—iyoma ngakuwe ebuhleni nasebubini. Iyoba ngubhuti wakho uma ngisho inqwaba yalabo abanye ababizwa kanjalo beyokwenqaba wena nayo yonke into kanjalo; naleyondoda isalokhu ingaphandle koMbuso kaNkulunkulu ngaphandle uma igcwaliswe ngoMoya oNgcwele, ukuPhila okuPhakade. Kunjalo! Kusemqoka kanjalo-ke.

57 Yingalesosizathu ngizama ukuthola ibandla lami ukuba likubone lokhu. Futhi ngi—ngikhulekela ukuthi anicabangi ukuthi ngizama nje ukuziphatha ngokuhlakanipha ngakho. Ngi—ngizama ukunitshela ukuthi udeveli ukhohlisa kakhulu, ukuthi ukhohlisana kakhulu uyoze—yoze akwenze uziphathise okomKristu. Uyokwenza into ethize futhi alingise uKristu kuye phansi ngqo kwabaKhethiweyo impela. IBhayibheli lathi bayosondelana kakhulu ndawonye. Uyoba yindoda ekahle. Uyoba ne. . .

58 Manje bukani lapha, ake nginikhombise izibonelo ukuqiniseka manje. Sifuna ukukugcina emiBhalweni sisekulemimoya. U-Esawu wayeyindoda engcono kakhulu ngandlela zonke owawufuna ukukuthatha ngayo kunoma uJakobe wayenjalo. Manje, u-Esawu (Nkulunkulu ngithethelele ngalokhu ukuphawula), wayengumsheshelengwana omncane nje. Yilokho kuphela. Manje, uma nimqaphela, wayeyini na? Inganekwane encane nomqambimanga omkhulu. Manje, uma—uma ngisho iphutha, Nkulunkulu ngithethelele, kodwa waqamba amanga. Futhi ukukhohlisa, wayengekho onjengaye cishe impela. Ngenkathi ethatha lezozinti ezimanakanaka ngisho wayesezifaka emanzini ukubangela lezozinkomo ezimithiyo nezimvu laphaya ukuba zizale izimvu ezimanakanaka nezinkomo ezimanakanaka, ukuba zibe sezandleni zakhe—zakhe. . .Wenzani na? Wembatha ibhantshi lika-Esawu nesiqephu sesikhumba semvu nakho konke okunye, wayesenyukela lapho, wayeselingisa u-Esawu phambi kukayise oyimpumputhe owayengumprofethi. Kunjalo na? Ngani, wayengomncane ongazisoli; wayenguye ngempela. No-Esawu wayeyi. . .Bengingafanele—mhlawumbe bengingafanele ukuba ngikusho ngaleyondlela. Niyabo? Angikuqondile ngaleyondlela. Ngi—ngizokuhlehlisa lokho. U—uway-. . .wa—wayeyi. . . Angazi; niyazi ukuthi wayeyini. Niyabo? Kucabange nje engqondweni yakho; ngizo. . .Wayeyi—wayeyindoda enkulu kaNkulunkulu, futhi angifuni kusho lutho olubi ngaye (niyabo?), kodwa nje ngizama ukukhomba izinto ezincane—ezincane azenzayo. Bukani nje ukuthi wayezishaya umsheshelengwane kanjani. Umqambimanga? Impela, nje waye—wayemubi kakhulu. Kodwa wayezama ukwenzani na?

59 Bukani u-Esawu. U-Esawu wayeyindoda ekahle, enesimilo, ilunga elikahle lebandla namhlanje. Wenzani na? Wayengumzingeli. Waphuma. . .Kusobala ngaleyonkathi, babeziphilisa kanjalo. Wayenakekela imihlambi kayise. Uyise wayeyimpumputhe. Umprofethi, umprofethi weNkosi wayeyimpumputhe futhi wakhohliswa yindodana yakhe uqobo, umprofethi, u-Isaka; ngaye kufika uKristu. Ungambiza ngomprofethi, iBhayibheli lathi wayenguye. Futhi wayeyimpumputhe? Akaziphilisanga ngani yena uqobo na? Futhi akazanga ngani ukuthi lowo kwakungu-Esawu—ukuthi

lowo kwakunguJakobe esikhundleni sika-Esawu na? Niyabo? UNkulunkulu akabatsheli abaprofethi bakhe yonke into. Ubatshela nje lokho afuna bakwazi. Niyabo?

60 UNkulunkulu wayesebenza icebo ngaleyonkathi, futhi wayefanele asebenzele kulo. UNkulunkulu . . . Uma uyozinikela kuNkulunkulu, uNkulunkulu uyokwenza usebenzele ngqo ecebweni laKhe.

61 Manje, qaphelani ukuthi wenzani, ukuthi lomfo wenzani. U-Esawu waphuma futhi wazama ukunakekela owakhe ompofu, omdala, ubabayi oyimpumputhe; noJakobe, kubonakala kanjalo, akabanga nandaba ukuthi kwenzekani kuye. Kodwa yinye into uJakobe ayeyifuna, nalobo kwakungubuzibulo. Kungakhathaleki ukuthi kufikani, ukuthi wayezolithola kanjani, ukuthi yiyiphi ileveli ayezofinyelela kuyo, lobo buzibulo yilokho kuphela ayekunakekele. Futhi u-Esawu, iBhayibheli lathi, wedelela ubuzibulo bakhe; iBhayibheli lakusho lokho. NeBhayibheli lathi, "Funa kufike esinye isifebe esiyize phakathi kwenu, njengalowomuntu omubi u-Esawu owedelela ubuzibulo bakhe futhi wabuthengisela isipho sokudla okubomvu . . . "

62 Manje, yini ubuzibulo na? Yilungelo. Yilokho engizama ukunitshela khona manje. LoMoya oNgcwele unguBuzibulo bakho; lobo uBuzibulo bakho. Lelo yilungelo lakho oliphiwe nguNkulunkulu. Manje, abantu bebengathi namhlanje, "Ngizoya esontweni. Ngilunge nje njengawo wonke umfo olandelayo. Kodwa mina, ngiziphathise okomunye walabobagingqiki abangcwele na? Hhayi mina." Awu, wena Esawu! Niyabo? Yinto efanayo nje, wedelela ubuzibulo. Ngani, wabushintshanisa nesipho sokudla okubomvu. Futhi uyakuthengisa ma- . . . Angisho ukuthi niyakuthengisa, kodwa izwe likuthengisela inqwaba ngaphansi kwalokho.

63 U-Esawu wayelambile. Kodwa, niyabo, ukuba ukulunga bekungabalwa . . . Uma omunye umuntu . . . Uma sihambe senyukela lapho futhi sahlala ngasethendeni izinsuku e—ezimbalwa, besizothola ukuthi u-Esawu waye . . . Besizomcaphuna u-Esawu. Niyabo? Kodwa enhliziyweni yakhe wayefuna lobobuzibulo. Wayengenandaba nanoma yini enye; wayefuna lobobuzibulo. Yilokho kuphela ayekufuna.

64 No-Esawu wayefuna ukuba ngumfo omuhle, futhi anakekele yonke into, futhi enze yonke into ngokuyikho nje, futhi enze yonke into nje njenge . . . Wayengumgcini-mthetho okahle ngempela; u-Esawu wayenjalo. Wayefuna yonke into ibe kahle nje. NoJakobe wayefuna into eyodwa, nalobo kwakungubuzibulo, futhi yilokho ayekunakekele. Futhi u-Esawu . . . Niyabona ukuthi kwenzekani kubafana bobabili. Niyabo? Futhi ngisho nakuJakobe kuvela okhokho abayishumi nambili abazala, awu, izizwe eziyishumi nambili zika-Israyeli, kuJakobe. Futhi wabiza—futhi uNkulunkulu wabiza uJakobe

ngendodana yaKhe uqobo. Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na?

65 LowoMoya oNgcwele ubufanele ube semqoka kakhulu kuwe kunayo yonke enye into ekhona ezweni, ukuba nesithunzi kwakho, ukuphila kwakho, umsebenzi wakho, noma yini eyakho ekhona. Ubungafanele unqamuke uze ube naWo. Ufanele uMamukele. Ufanele ube ngokakhulu. . .Futhi wena uthi, "Awu, ngiyesaba bona—bona emsebenzini wami. Ngiyesaba ukuthi umyeni wami, wami. . ." Ungesabi; Lokho makube yindawo yokuqala. Dedela zonke ezinye izinto zihambe. Lokho makube ngokokuqala. "Awu, ngaphandle kokuMthola ngolunye lwalezizinsuku, Mfowethu Branham." Hhayi ngolunye lwalezizinsuku, manje! Yilesisikhathi. "Makabe ngowokuqala ngaphambi kokuba ngi—ngaphambi kokuba ngenze noma yini enye. Mangibe naYe manje!" Shisekela! Lokho bekungasiza ukuphendula umbuzo wethu. U ju-. . .uma uthola ukuWushisekela, ngempela ufanele ube naYe noma ufe (niyabo?), kungaleyonkathi-ke ozoMthola khona.

66 IJuda elincane lalivamise ukuba lapha edolobheni. Angazi noma nanilazi yini noma qha. Lalikade liphiliswe kumdlavuza. Banika—balixosha. Futhi ngenkathi libhaphathizwa eGameni likaJesu Kristu, khona-ke balixosha ngempela, balibeka ngaphandle egcekeni. Lase-ke lihamba lase lijoyina ibandla leMethodisti. Base bethola ukuthi labhaphathizwa eGameni likaJesu, base bemkhiphela esimweni sezulu esibanda hleke, cishe ngaphansi kweshumi lezingaqhwa, e-Ohio; bambekela umbhede phandle lapho (Mfowethu Fleeman, ufanele ukumkhumbula uMfowethu Vance, awufanele na?)—bambeka phandle, phandle lapho, nephampu yamanzi phandle lapho, base bethi, "Kunamanzi amaningi akho ukuba uphinde ubhaphathizwe eGameni likaJesu, ngiqagele."

67 Nokho, wayengixoxela indaba encane kanye. Wathi ngenkathi lababantu *abathize*, umkakhe—babehlala no. . . Futhi wayeqoqele yonke impahla yakhe endala etrakhini endala ephukile wayeseqala ukuphuma edolobheni. Nomkakhe wathi, "Ubuwazi ukuthini? Bengifanele ngithole ukuphuza amanzi ngaphambi kokuba ngisuke kuleyondawo." Wathi, "Ngomile."

Awu, wathi, "S'thandwa, nanto ipayipi elikhulu lamanzi."

Wathi, "Awu, qhubeka uze uzithele endaweni engcono." Uyabo?

Wayeseqhubekela phambidlana, wayesethi, "Nanto elinye ipayipi elikhulu lamanzi."

Wathi, "Awu, qhubeka nje." Uyabo?

68 Kodwa wathi, "Manje-ke, ngenkathi ephumela emaphandleni, kwakungekho-phampu." Wathi, "Wayelwela nje uku—ukuphuza amanzi." Wayesethi, "Emva kwesikhashana, ngale le endle kwakukhona iphampu endala yasemaphandleni,

ukuphumela ensimini, wayozithela ngaphesheya kwesigejane sezinkomo; futhi wayezesaba izinkomo." Kodwa wathi, "Wathi, 'Levi, ngifanele nje ngiphuze!'" Ngakho ba—wamisa imoto. Wayesethi, ngaphambi kokuba aze akwazi ngisho ukumisa imoto cishe impela, wayesengaphandle futhi enalokho kusika enqamula ocingweni. Wayefanele athole amanzi. Futhi uma uNkulunkulu eba yilobo buqiniso kuwe, uma woma kanjalo, ukuthi kuphakathi kokuthi nguNkulunkulu kungenjalo uzofa, ungeke usakubekezelela, khona-ke ikhona into ezokwenzeka. Kufanele—ungena shi-ke emsebenzini noNkulunkulu. Kungaleyonkathi-ke othatha—okwenzeka ngayo.

69 Manje, lemimoya emibi ikhohlisa abantu. Futhi kuleyomimoya, izikhathi eziningi ikholwa impela. Manje wena uthi, "Uqonde ukuthi, iyakholwa na?" Yebo, mnumzane! Ifundisa ngisho nemiBhalo, iBhayibheli. Impela iyakwenza.

70 Manje qaphelani! UJesu wafika esigejaneni sendoda eyayingabapristi abangcwele; futhi babegcina imithetho ncamashi; futhi babekholwa impela, impela. Futhi uJesu—uJohane wababiza, wathi, "Nina nzalo yezinyoka (lokho yizinyoka ezihuquzelayo), ubani onexwayise ukuba nibalekele ulaka oluzayo na?" Ngenkathi uJesu ebabona, Wathi, "Nina ningabakayihlo udeveli." Lowo kwakunguNkulunkulu esho lokho. Bekholwa nje ngakho konke.

71 Khumbulani, ngenkathi—udeveli uthatha umuntu wakhe, kodwa neze umoya wakhe. UNkulunkulu uthatha umuntu waKhe kodwa neze uMoya waKhe. Niyabo? UMoya oNgcwele ungena empilweni yakho bese ungcwelisa umoya wakho, uphile ngawe, futhi ukuphe amandla ukuba uphile. Kodwa uma—uma umoya wakho uqhubeka, umoya wakho ugcinwe noNkulunkulu; kodwa uMoya oNgcwele owawuphezu kwakho uza phezu komunye umuntu, nomunye umuntu, nomuntu . . .

72 LoMoya owawuphezu kuka-Elija ufika phezu kuka-Elisha, okuphindwe kabili kwaWo; iminyaka engamakhulu ayisikhombisa kamuva noma iminyaka engamakhulu ayisishiyagalombili kamuva ufika phezu kukaJohane umBhaphathizi, wamenza aziphathe . . . Bukani ukuthi ukanjani u-Elija, bukani ukuthi wayekanjani u-Elisha: indoda enkulu endala enoboya, ubuhwanqa konke kuye; isikhumba semvu, ebukeke njengesiqubuqubu, ubuso bakhe buphume kanjalo, egqishazela edlula lapho nesiqeshanyana esikhulu sesikhumba ezisonge ngaso, olwakhe olungaboshwe ngabhande—ukhalo lwakhe olungaboshwe ngabhande, kanje. Uma ubungaba ne . . . Ukuba wayehambe wenyukela endlini yakho wawungathi, "Uuu, he! Bizani amaphoyisa ngokukhulu ukushesha. Umfo onje omi phambi komnyango wami." Kodwa lowo kwakungumprofethi weNkosi. Impela wayenguye! Kwase kuthi-ke, ngenkathi efa, okuphindwe kabili koMoya

wakhe kufika phezu kuka-Elija; kwase kuthi-ke eminyakeni engamakhulu ayisishiyagalombili kamuva ufika phezu kukaJohane umBhaphathizi futhi wenza uJohane aziphathe nje impela njengoba benza, ngoba Wawungumoya ka-Elija.

73 Manje, uma umoya ka-Elija phezu kukaJohane ubungenza uJohane aziphathise okuka-Elija, uMoya kaNkulunkulu phezu kwakho uzokwenza uziphathise okukaJesu. Manje, yilapho othola khona uMoya oNgcwele. Uyabo? Wenza lokho-ke uMoya oNgcwele. Ukwenza ube mnene, ukwenza uzithobe, ukwenza uthethelele.

74 Babengadonsa ubuhwanqa ebusweni bakho, ukuba wawunabo lapho, babudluthule bese bekuphimisela ebusweni bakho, ngenkathi wawunamandla okubiza u—olegiyona beziNgelosi? Wawungakwenza lokho ngenxa yothando lwabantu owayekuphimisela ebusweni bakho na? Wawungakwenza na? Uma umuntu evele nje wenyukela kuwe wayesethi, "Hheyi, wena mzenzisi!" bese ekushaya inganhlanye lobuso bakho, wawungakukhulekela ukuthethelelwa kwabo na? Manje, yilapho ithemba—ukuhlolwa ukuthi uthola uMoya oNgcwele noma qha. Niyabo? Uma umuntu esho into embi ngomunye, ngezinye izikhathi ozisho ukuthi unoMoya oNgcwele, "Ngizohambisana ngisho naye owesifazane uma kungithatha usuku lwami lokugcina." Niyabo? Manje, yilapho uhlola khona mayelana noMoya oNgcwele wakho. Uyabo? "Nibusisiwe nxa umuntu eyokhuluma konke okubi ngani ngokwamanga ngenxa yeGama laMi." Kodwa uhambe ufike uhambisane ngisho nabo na? Qhabo! "Jabulani futhi nithokoze kakhulu impela, ngokuba babahlupha kanjalo abaprofethi ababephambi kwenu." Niyabo?

75 Uma omunye umuntu esho okubi ngawe, shono okuhle. Uma ungenakukusho okuhle ngabo, khona-ke ungasho lutho. Kuyeke kuhambe nje. Niyabo? Bese kuthi-ke, uma usuwedwa, ubakhulekele.

76 Uma ikhona into eyodwa empilweni yami engisizile ukuba ngiqonde ukuthi uMoya oNgcwele wafike wangena kimi ezansi lapho ngalolosuku, kube yilokho. Ngangiyisifufufu, esishisayo, umIrishi nxa zombili. Futhi kwakucishe kube l'khuni impela ukuthi ngidle nhlobo, umlomo wami wawuhlala njalo utubuzekile lapho owawutubuzwe khona ngomuny'umuntu, ngigxuma lapho engangingafanele ngigxume khona. Nginamanye amazinyo ami ephukile manje futhi agcwaliswa lapho enga—ngakhuluma khona lapho engangingafanele ngikhulume khona (niyabo?) futhi ngasho izinto . . . Njalo ngisenkathazweni. Futhi ngasho . . . Omunye wathi kimi, uthisha wami esikoleni, wathi . . . Ngathi, "Nenekazi, a—a—akukho engingakwenza ngakho." Niyabo, ngangingena enkathazweni ngaso sonke isikhathi. Ngase ngithi, "Akukho engingakwenza ngakho." UMama Temple omdala bandla, waya eNkazimulweni nje ngoluny'usuku.

Wayesethi, "Awu, buka S'thandwa." Wangibeka emathangeni akhe, wayesengidonsa ngezingalo zakhe wayeseqala ukukhala. Kungokokuqala ukuba ngike ngize ngithole uthando olunjalo komuny'umuntu, owesifazane osemdala. Wavele wakhalela phezu kwami. Wathi, "Billy, ngizokwenzela into ethile, S'thandwa; ngizokunika isijuqu sentambo." Wayesethi, "Uma noma yimuphi wabafana egxumela kuwe. . . "

77 Wayengibiza ngo "khekhe lommbila," ngoba ngangivela eKentucky, niyazi, futhi—futhi. . . ngangi—ngangigqoka ngokwesabekayo. Futhi babehlekisa ngezinwele zami, zilenga cishe njengoba impela zilenga manje, futhi zonke phansi phezu kobuso bami. Futhi nje nganginesikhathi esibi kabi, niyazi. Futhi—futhi babehamba bengishaya futhi bangishaye ngempama. Noma nini noma ubani abazizwa bevukwa wulaka, babehambahamba, futhi nje babambe mina, futhi bangishaye ngempama bangilahle phansi. Futhi nakhu ngiza. Niyabo? Futhi i—ngakho manje-ke—nempi. Futhi sine—sasine ngisho, ngake ngaze ngaba ngisho nezimpi zommese nakho konke okunye.

78 Ngase ngithatha isibhamu esikhulu iWinchester futhi ngazama ukukudubula, ngisiphampela ngqo kubafana abane noma abahlanu, ngokungishaya ngacishe impela angabe ngisakwazi nokusukuma. Ngangizobabulala bonke ukuba kwakungenganxa kaNkulunkulu. Ngacosha amagobolondo emhlabathini, ngawabuyisela esibhanyini ingebe; zazidubula kahle nje njengoba zazilokhu zenza. Niyabo? Ngangiyoba ngumbulali wendoda amahlanu, mhlasimbe, noma abafana abahlanu.

79 Ngangineminyaka eyishumi nambili kuphela ubudala, sengivukwe wulaka! Nothisha wathi, "Thatha lentambo encane, Billy, futhi lapho kusuke kuthi hlanya, uvele ume nje bese ubopha amafindo ayisishiyagalolunye kuleyontambo." Wathi, "Nxa wenza lokho, bese-ke uletha leyontambo kimi. Ngizobheja ulaka lwakho luzophela."

80 Ngathi, "Nkk. Whalen, impela ngicabanga ukuthi unomoya omuhle kakhulu." Ngathi, "Ngi—ngizokuzama." Niyabo? (Noma uNkk Temple; ngithi Nkk. Whalen. Ngathi Nkk. . . UMnu. Whalen wake waba nguthisha enhla lapha.) Ngakho nga—ngafaka intambo ephaketheni lami. Futhi ngangingakaphumeli egcekeni emizuzwini emihlanu kuze kube omunye ungiqhumisa kanye. Awu, ngaya—ngaqala kubo, niyazi. Ngafinyelela phansi ngase ngidumela intambo yami; ngase ngiqala ukubopha ifindo elilodwa; ngayilahla phansi intambo, ngase ngisuka ngihamba. Niyabo? Nje angikwazanga ukukwenza. Niyabo?

81 Futhi ngathi, "Ngangingeke ngakwazi neze ukuba ngibe ngumKristu." Kodwa ake nginitshele, ngalobobusuku ezansi ngaleya e-Ohio Avenue ngenkathi uMoya oNgcwele ufika

ungena kimi, lokho kwaxazulula ulaka. Lokho kwaphela. Ngathi, "Ngangingeke ngakwazi neze ukukwenza. Ngangingeke ngakwazi neze ukuba ngibe ngumKristu, ngoba ngangingakwazi ukunqoba lokho," ngathi, "into ethize ezelwe kimi." Ngathi, "Mfana, ubabayi wami wayeyisifufufu; no—nomama wami, iNdiya uhhafu, ulaka olwenele ukulwa nomsindo wesaha." Ngathi, "Mina? O, ngi. . .Mfana, noma ubani ogxumela kimi uzokuthola; yilokho kuphela." Ngathi, "Uma ngifanele ngikhwele eladini lesitebhisi ukubashaya," ngathi, "Impela ngizokwenza." Niyabo?

82 Kodwa manje, wawungangihudulela phandle lapho futhi ungibhuquzise futhi. . .Niyabo? Ngani na? Hhayi mina! Ngizama ukwenza liphi iphuzu lapha na? Kukhona okwenzekayo. Lawomandla amadala, lowoWilliam Branham omdala wafa, futhi kwangena oMunye umuntu. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] Futhi Ungenza ngisidabukele isitha sami. Uma noma ubani enza noma yini engalungile kimi, angikhuleki neze ngimelane nabo, ngiyabakhulekela. Futhi yilapho uMoya oNgcwele enikeza lesosivivinyo ngobunye ubusuku eNew England, ngaphambi kokuba lokhu kwenzeke enzansi lapha. Ngenkathi lokho—ngenkathi Enikeza amandla, wathi, "Khuluma nje lokho okuthandayo kulabobantu." Indlela ababenze ngayo. . .ngase ngibheka phansi lapho, ngase ngithi, "Ngiyanithethelela." Yilokho impela Ayekufuna. Niyabo? Thethelela isitha sakho. Niyabo? Lena yimimoya enenza nibe babi. Ibhekisiseni leyomimoya.

83 Nakhu kufika omunye umuntu. Wayesenhla lapho ethuneni. Kufika omunye umuntu, wayephuma agijime futhi abanqobe, iBhayibheli lasho. Akekho namunye—wayeyingozi kakhulu kwaze kwathi kwakungekho muntu owayengedlula kuleyondlela. Kodwa ngoluny'usuku kwabakhona aMandla anamandla kakhulu edlulayo. Wayekhwelwe yinzondo, inhliziyo embi, udeveli, uligiyona babo behambahamba, umfo omkhulu. Babephumela lapho, futhi bathathe amabutho, bamfake emaketangweni; futhi wayewagqabula amaketango aqaqeke. Nodeveli wayekuye. Wayelapho-ke. Wayeyinto ethize. Wayeyoba yi—yisithixo sangempela seSikole esiPhakeme saseJeffersonville. Impela wayeyoba yiso! Wayelapho, konke lokhu okukhulu. . .Noma amanye alamabhungu, niyazi, "O, uyindoda ngempela." Ngike ngabona indoda eyayisinda amaphawondi angamakhulu amabili engenalo ne awunsi lendoda kuwo. Leyo akusiyo indoda, leso yisilwane. Niyabo?

84 Kodwa kwakukhona umfo omncanyanyana, omahlombe aqhothile oza ehla ngomgwaqo ngolunye usuku, owayethe ukugoba (iBhayibheli lathi kwakungekho-buhle ukuba siMfise, eneminyaka engamashumi amathathu futhi udlulela amashumi amahlanu), ehamba ehla ngezinyawo ngoluny'usuku. Futhi wagijimela kuYe. Wathi, "Ngizovele ngimthathe nje lowomfo

omncane futhi ngimshwibe." Kodwa, o he, ngenkathi edibana naLowo, wawela ezinyaweni zaKhe. Labodeveli bemkhwele kakhulu . . . Manje bukani. Lolosuku . . . Wayekhwelwe kakhulu ngudeveli . . .

85 Manje lokhu, ngifuna ukufaka lokhu ku—ngenzele nina. Waye—leyondoda yayizinikele kakhulu ngokuphelele kudeveli, udeveli waze wasebenzisa ulimi lwakhe ukuba akhulume. Manje, ungazinikela kakhulu ngokuphelele kuNkulunkulu uNkulunkulu angaze asebenzise ulimi lwakho ukuba akhulume. Kunjalo! Yilokho engikubizayo. Noma yiyiphi intshumayelo esengake ngayishumayela eyayinekushoyo kuyo, yingenkathi nginikele, ngakhipha uWilliam Branham endleleni, noKristu akwazi ukuthatha angene futhi aqale ukukhuluma. Niyabo? Futhi Angakhuluma ngolwimi.

86 Manje qaphelani. Wayekhwelwe kakhulu yilowomoya omubi, nalowomoya wawunaye esondele kakhulu waze . . . Lawomademoni azi ukuthi isikhathi sawo sasesifikile, ngokuba ayesedibane nothando. Niyabo? Ayesethi, "Sizomzama." Futhi onke . . . Manje, qaphelani ukuthi kwase kwenzekani. Wathi, "Ngani, siyazi ukuthi ungubani. Kungani wena kulowomzimba omncanyanyana kanje, umfo obukeka eyintengentenge encane na?" Wathi, "Uzelani kanjalo na?" Wathi, "Siyakwazi ukuthi ungubani. Ungongcwele ka-Israyeli, futhi yingani u . . . ?" (Manje bhekisisani! Uma ningakholwa ukuthi kukhona ukuhlushwa kwesikhathi esizayo sodeveli, Lalelani laba bekuvuma.) "Uzelani ukuzosizwisa ubuhlungu isikhathi singakafiki na?" Babazi kukhona ukuhlushwa kwesikhathi esizayo. "Uzelani ukusizwisa ubuhlungu isikhathi singakafiki na?" Niyabo?

NoJesu wathi, "Ubani igama lakho na?" Wayazi; Wayefuna bona bakuvume.

Wathi, "SinguLegiyona, ngokuba sibaningi." Wathi, "Uma uzosikhipha kulendoda . . . "

87 Bukani, umfo oyintengentenge encane njengoJesu emi lapho (niyabo?), nendoda futhi eyayingabhaxabula umbutho cishe impela; amaketango ayengakwazi ngisho ukuyibamba. Niyabo, akusiwo amandla omzimba. Lokho akusikho okuyikhona okubalulekile. Amandla kaMoya oNgcwele asempilweni yakho ayiwona abalulekile. Niyabo?

88 Wathi, "Ungasihluphi isikhathi singakafiki; kodwa uma uzosikhipha . . . (Bukani isihluku sawo, ububi.) Uma uzosikhipha, ungasivumeli nje sihambe sikhululeke ezweni, ngoba kul'khuni ukusho ukuthi ngabe sizongena yini komuny'umuntu. Uma uzosikhipha . . . Sifuna ukuba komuny'umuntu; kukhona esifuna ukukwenza; sifuna ukwenza esinye isihluku." Lowo ngudeveli. "Ngizobuyela emuva nayo. Mmm!" Niyabo? Lowo ngudeveli. "Ngizongena ngisho nayo." Niyabo? Khumbulani nje, ngumfowenu emi lapho, kodwa

udeveli wafika kuye. Niyabo? "Asenze into enesihluku. Singabenza laba baseGadara ngapha bahlupheke ngalokhu," ngahle ukuba bathi inhloko, omunye wabo. Wathi, "Asehlele kulowomhlambi wezingulube."

89 UJesu wathi, "Sukani. Kodwa phumani kuyo!" O, he! Umfo omncanyanyana kanjalo ekhuluma kulowolegiyona omkhulu wodeveli. "Phumani kuyo! Nifanele nihambe." Base bengena kulezozingulube, futhi zazinezithuthwane, bazigijimisa lezozingulube zangenwa yizithuthwane. Futhi zasho zehla ngendlela zaya emfuleni, zase zicwila emfuleni, zaziminzisa zona emfuleni. Akunjalo lokho na?

90 Manje, ngenkathi zenza . . . Kusobala odeveli baphuma kuzo, ngoba wabulala izingulube. Wavele nje wazigijimisa zangenwa yisithuthwane. Zazinesithuthwane njenganoma ubani nje. Senake nambona umuntu enesithuthwane solaka na? Awu, lokho nje yi—kuyilokho nje. Lokho yilabo odeveli nje. Yilokho okwenzeka kuzo. Uke wabona omunye wabo enesithuthwane solaka, uthi, "E hhe, sengiyazi ukuthi kwenzekani eGadara manje." Niyabo? Lokho kunjalo impela. Abanye nje futhi abambalwa bangena lapho, bayigijimisa yahlanya ngokuphelele; ngoba udokotela wezokwelapha uzokutshela ukuthi ulaka luyisigaba sokuqala sobuhlanya. Usho njalo uMayo, isigaba sokuqala sobuhlanya.

91 Mfowethu Pat, lokho bekungase kube ubuluhlaza. Lokho ngokwedlula konke engikwaziyo, nje obekungalindelekile. Kulungile.

**102. KwabaseRoma isahluko 7, ivesi 25.**

92 Ngifanele ngi . . . Ngikhohliwe, ngakubuka lokho ngolunye usuku ngenkathi ngikuthola, kodwa ngiyakhohlwa nje ukuthi kuyini. Asiphendule lombuzo womuntu othandekayo uma singahle sikwazi. KwabaseRoma 7:22, kulungile, noma :25, ngiyaxolisa. KwabaseRoma 7 . . . Ngiphenye amakhasi amabili kanyekanye. Kwakungalesosikhathi ku . . .

> *Ngibonga uNkulunkulu ngoJesu Kristu iNkosi yethu.* Ngakho—*ngalokho-ke mina ngokwami—nge—ngokwami ngikhonza umthetho kaNkulunkulu ngenqondo; kepha umthetho wesono ngenyama.*

Manje, awume kancane. Angikufundanga nje lokho kahle.

> *Ngibonga uNkulunkulu ngoJesu Kristu iNkosi yethu. Ngalokho-ke mina ngokwami* . . . (Ya, kunjalo.) . . . *ngokwami ngikhonza umthetho kaNkulunkulu ngengqondo; kepha umthetho wesono ngenyama.*

93 Kulungile. Yilokho impela uPawulu akusho izikhathi eziningi ekuphinda. Nxa ngithanda ukwenza okuhle, kukhona okubi. Niyabo? Yilokho impela okwenzayo nawe. Nge*ngqondo yakho*, leyo yinhliziyo yakho. Niyabo? Manje khumbula,

awucabangi ngengqondo yakho; kanjalo awuboni ngamehlo akho. Kanjalo awu. . . U—ubona ngenhliziyo yakho. Uyakwazi lokho na? Ubuwazi yini ukuthi inhliziyo yakho yayinomunye umuntu kuyo ngaphandle kwakho uqobo na? Isayense isanda kuthola nje cishe eminyakeni emine edlule, niyazi. Ikamelwana elincane enhliziyweni, bathi umphefumulo uhlala khona.

94 Sewake wezwa ngokuzwa okuncane kukanembeza na? Uqala ukwenza noma yini, futhi uyacabanga, "O, ngishwibeka ngaphezu kwesiqongo sakho," kodwa ukuzwa okuncane kukanembeza kukutshela okwehlukile.

95 Bangathatha umshini wokuhlola amanga. . . Ngibona umngani wami olungileyo, uMmeli uRobinson, ehlezi ngemuva. Futhi angazi noma senake nakubona kwenziwa noma qha, kodwa kuyenzeka ngibe nakho—zame—kwake kwabekwa kimi ngesinye isikhathi, mayelana naleNgelosi yeNkosi lapha. Futhi babeka umshini wokuhlola amanga kuwe, futhi uzama e—ukuvuma ngokwazi kwakho konke, okwedlula konke ongakwenza, kahle kakhulu nje futhi ukushelelelise, ukuthi awuyenzanga into *ethize-nethize*—isigebengu. Lowomshini wokuhlola amanga uyobuyela emuva ngqo bese uthi wena uqamba amanga. Niyabo? Ngani na? Kungukungqangqazela kwemizwa yakho abakucoshayo kulowomshini wokuhlola amanga. Niyabo? U—uyokutshela. Ngoba ngani na? Umuntu akenzelwanga ukuqamba amanga ekuqaleni kwakhe kwasekuqaleni. Yisono nodeveli okuwe okwenza uqambe amanga. Uyabo?

96 Wawu—ukwakheka kwakho akufanele kuqambe amanga. Yingalesosizathu ufanele uphile futhi, ngoba wenziwa, wadalwa ukuba uphile kuze kube phakade, uphile njalo. Kodwa buka, isono sangena sase siletha ukufa emzimbeni. Bese kuthi-ke, nxa isono singena futhi silethe ukufa emzimbeni, khona-ke kusobala, umzimba uzofanele ufe. Kodwa khona, phakathi lapho kungahlala ukuPhila okuPhakade, uma lomoya uguqulwa phakathi kuwe futhi unokuPhila okuPhakade. UNkulunkulu uyovusa lowomzimba futhi ngomuhla wokuphela. Wathi Uyokwenza.

97 Ngakho uma ingqondo yami—ingqondo. . . Washo kwenye indawo, "Ngicabanga ukuthi nginomqondo kaKristu." Manje, kuleyongqondo ukhonza—ngengqondo kaKristu ukhonza uNkulunkulu. Niyabo, ingxenye engaphakathi (niyabo?), ingxenye engaphakathi, ukhonza uNkulunkulu. Lokho kuzwa okuncane kukanembeza, kulele lapho-ke ukukholwa.

98 Ngifuna ukunibuza. Sezake zabakhona yini izikhathi eziningi ukuthi nina bantu phakathi lapha, abaningi benu usibonile isikhathi lapho enani—nanazi nje ukuthi kukhona okuzokwenzeka. Kwakubukeka sengathi kwakungenakwenzeka kukho ukuba kwenzeke, kodwa nazi

nje ukuthi kwakuzokwenzeka. Senake naba nakho lokho na? Lokho yilokho kukholwa, lokho kuzwa okuncane kukanembeza kusebenza.

Manje, uma kuthi ukufudumala kancane phakathi lapha, ungayibhekisa phansi insinjana elusizo phansi lapho, uma kuthi ukufudumala kancanyana kuwe.

99 Manje, phakathi lapho lokho kuzwa okuncane kukanembeza (niyabo?), yilapho ingqondo yakho . . . Manje uJesu wathi, "Uma umuntu engazalwa ngokusha . . ." (Manje, lokho akusikho ebengikufuna.) "Ngiqinisile, ngiqinisile, ngithi kini, uma umuntu engazalwa ngokusha angewu*bone* uMbuso kaNkulunkulu." Manje, beningeke niwubone uMbuso kaNkulunkulu, ngoba uMbuso kaNkulunkulu unguMoya oNgcwele. "Abanye abemi lapha abayikuzwa ukufa baze babone uMbuso kaNkulunkulu uza ngamandla," Washo. Manje-ke, "UMbuso kaNkulunkulu," iBhayibheli lathi, "uphakathi kwakho." Uphakathi kwakho, uMoya oNgcwele, futhi awukwazi ukubona lokho ngamehlo akho. Ngakho uku*bona* kusho "ukuqonda."

100 Senake nabuka noma yini, niyibuka ngqo, nithi, "Awu, angikuboni nje." Niyabo? "Angikuboni nje." Uqonde ukuthi awukuqondi. Niyabo, niyabo? Awukuqondi. *Ukubona* kungu "kuqonda." Kodwa ngamehlo akho ubuka noma yini. Kodwa ngalokho okungaphakathi kuwe, uqonda ngakho, ubona ngalokho. Niyabo? Ngamehlo kaNkulunkulu uyabuka.

101 Futhi manje, bamba iphuzu lakho manje. Nanku omuhle uma seniwulungele: UmKristu ubuka izinto angaziboni ngamehlo akhe (niyabo?), ngokuba sibuka kokungabonwayo. Niyabo? Ukubuka kanjani na? Ngamehlo akho angaphakathi. Ukubona ngokukholwa. Futhi manje, ukukufakazisa lokho: zonke izikhali zomKristu zenziwe ngobunjalo obungabonwayo. Yini izikhali zomKristu na? Omunye uthi, "Ukubona kungukukholwa." Lowomuntu ubengeke neze abe ngumKristu, ngoba izikhali zomKristu zenziwe ngalokhu: uthando. Senake nalubona na? Nilubonile ngokwenza, kodwa anikaze nilubone uthando. Uma ungakwenza, udonse ingxenye yakho yothando uyikhiphe bese ungibonisa ukuthi lunjani. Niyabo? Uthando, uthando, ukujabula, ukuthula, ukubekezela, ubuvi, ubumnene, ukukholwa—ukukholwa, ububele (niyabo?); zonke izikhali zomKristu azibonwa ngeso lemvelo, kodwa ziqondwa ngenhliziyo! Nakho lapho okhona. Nakho lapho okhona.

102 UPawulu washo-ke, "Ngengqondo yami . . . ('Futhi nginengqondo kaKristu, niyabo, washo.) Ngikhonza uNkulunkulu ngengqondo yami, kodwa inyama yami (walenza kanjani izwi lelo lapho ekugcineni na?)—kodwa ngenyama, umthetho wesono." Kuyini na? Inyama yami ithi kulobubusuku, "Ukhathele kakhulu. Umphimbo wakho ubuhlungu kakhulu.

U—kade uphandle emoyeni namhlanje. Awuzukuya endlini yokukhonzela kulobubusuku." Lowo ngumthetho wenyama. "Ungahle nje futhi ubabize benyuke bese utshela uMfowethu Neville ukuthi . . . Thumela imibuzo ezansi bese umtshela ukuba ayiphendule." Kodwa niyabo, ngethembisa ukukwenza. Niyabo?

103 Manje, ingqondo yami, ngaphakathi uMoya oNgcwele uthe, "Ugcina isithembiso sakho."

Kodwa inyama ithe, "Ukhathele kakhulu." Niyabo?

104 Manje, inyama ithi, "Manje, akukho sidingo, wena ntwana enhle encane, uyinto encane enhle kunazo zonke esikoleni. Manje, ungamnaki lowomama wakho ongumgingqiki ongcwele noma lowobaba owuhlanya. Uyabo? Uyintombazane ebukeka iyinhle kunawo onke esikoleni." "Ungumfana omuhle kunabo bonke, umfana obukeka ebedlula bonke, owakheke kahle ukwedlula bonke. Uthandwa ngabantu ukwedlula bonke okhona edolobheni." Niyabo? Lokho—lokho . . . Futhi unikela amalunga akho kulokho, futhi uphumela kuphi na? Ekupheleni kophondo okuncane ngaso sonke isikhathi. Niyabo?

105 UPawulu wathi, "Inyama yami ifuna uku—ifuna njalo ukuzinikela kulokho." Inyama yakho iyakwenza nayo. Niyabo? Kodwa umthetho woMoya kaNkulunkulu enhliziyweni unqoba inyama futhi wenza umzimba uthobele lokho inhliziyo ethi kwenze. Haleluya!

106 Bukani, manje-ke uma uzosenzela lokho isoni, manje-ke lokho bekungeke kukusebenzele ukugula nakho na? Umthetho kaMoya kaNkulunkulu enhliziyweni eyaziyo ukuthi "Ngemivimbo yaKhe siphilisiwe thina," bami namandla abo ukwenza lokho kugula kulowomzimba ubalalele, ngoba ngudeveli. Nakho lapho okhona. Whewu! Lokho kunokhilimu kukho lokho kujula. Ngiyanitshela. Yilokho-ke. Niyabo?

107 Manje, umthetho wesono nokufa usebenza enyameni yakho, kodwa umthetho kaMoya wokuPhila usebenza enhliziyweni yakho. Ngakho inhliziyo yakho, umoya wakho enhliziyweni yakho uzokwenza umzimba wakho uthobele lokho ethi kwenze. Kunjalo impela. Manje, yilokho uPawulu akusho. Njalo inyama, "Ngikhathele kakhulu; angikwazi ukukwenza; angenele; ngeke ngakwenza."

Ngathi ku—kuLoyce noma—noma uDolores, noma omunye umuntu okade ekhuluma kimi ngoMoya oNgcwele, ngenye into noma enye njengaleyo, ngathi—ngathi, "Ini . . . "

UDolores wathi, "Yini—yini engenze ngazizwa ngaleyondlela ngesikhathi nje ebengifanele ngizizwe ngikahle ngaso na?"

108 Ngathi, "Udeveli. Ukubonile usulungele nje ukukwemukela. Uthe, 'Ngizobeka into encane edangalisayo kuye: Phewu! Athi ukumphephetha kancanyana, niyazi, ethi ukupholisa

kancane.' Niyabo? Kodwa o, he, lokho kula uvuka khona! Funa amalungelo akho owaphiwe nguNkulunkulu." Yilokho uPawulu ayekuqondile. Niyabo? I . . . "Njalo nxa," wathi, "nxa ngithanda ukwenza okulungileyo, kukhona okubi."

109 Ngik'tshela ukuthi yenzani. Ngikuqaphelile lokhu, umkami nami . . . Futhi ngizojaha emuva, ngoba nje nginemizuzu elulwe kambalwa, futhi nginemibuzo emikhulu lapha. Angifuni ukunigcina kuze kwedlule isikhathi kakhulu, kodwa ngifuna ukuthola imibuzo yenu okwedlula konke engingakwenza.

110 Qaphelani! Ngingaqala ekuseni, futhi ngithi ngiyahamba, iNkosi ingiholela ekuyeni endaweni ethize ngomhlangano, awu, mfowethu, bhekisisa nje yonke into yenzeka. Noma ungiyeke ngifinyelele ekhaya lami, nocingo oluvela ebangeni elikude luyangena. Manje, ngifanele ngikhulekele abagulayo. UJoseph omncane uzogibela aze ayofika phezulu entanyeni yami. USarah uzofuna ukungibuza umbuzo. UBecky uzoqala upiyano. Ngithi, "Shi, shi, shi!" Ngibeke izandla zami ngaphezulu, "Hheyi, shi, shi, shi, ngizo—uBabayi uzokhulekela abagulayo."

"Awu, Babayi, buka; uJoe wenze lokhu . . ." Uyabo? Nje kudedeleke kuqale. Futhi kuthi nje masinya kungaphela umkhuleko, sebethathe amathoyizi abo futhi nje ngokumnandi nokudlala. Ngudeveli. Impela nguye.

111 Bese-ke ngifika ngapha bese ngithi, "Joseph, ubungafanele wenze into *ethize*." Futhi niyazi, into yokuqala niyazi, usengene enjwayelweni. Futhi nizokuthola kubantwana benu, bayoqamba amanga kini. Awu, lowo ngumoya oqamba amanga phezu kwaleyongane. Linye kuphela ikhambi lawo. Uswazi lwesibhamu akusiwona umqondo wami, niyazi, isigqusho sokuhlohla isibhamu esihlohlwa ngasemlonyeni esasivame ukushaywa ngaso, Mfowethu Jess. Uma singene—ngene—ngene enkathazweni sasivame ukuthola isigqusho sokuhlohla isibhamu esihlohlwa ngasemlonyeni ezibhanyini ezindala, uswazi lwesihlahla ihikhori, niyazi, izibhamu ezindala ezihlohlwa ngasemlonyeni. Lowo akusiwo umqondo. Kodwa umkhuleko, uxosha lowodeveli omubi kulowomntwana. Kunjalo. Umkhuleko uyakwenza.

112 Uma uMartha eqala nje ukugqishazela ngonyawo lwakhe oluncane, futhi ephuma egijima, futhi ebhekisa phezulu ikhadlana lakhe, ubungamshaya aze angabe esaba ngisho nanezingubo azigqokile; ubengakwenza noma kanjani. Kodwa nje kubeke phambi kukaNkulunkulu bese ubiza umphefumulo walowomntwana ube okaNkulunkulu. Nje uhlale lapho ngqo nawo. Ngikholwa ukuthi kuyinto edlula zonke engazi ngayo. Yebo, mnumzane! Lelo yikhambi eledlula onke engazi ngalo, ngumkhuleko.

**103.** Manje, ake sibone. Manje olandelayo lapha uthi, **Kuchaza ukuthini ukumiselwa ngaphambili ngaphambi kokuba**

**izwe liqale; kukuphi eBhayibhelini na?** Ukumiselwa ngaphambili ngaphambi kokuba izwe liqale.

113 Kulungile, mngani wami oligugu, asiphenye kwabase-Efesu isahluko 1 okwendawo eyodwa nje. Asizukuthatha isikhathi eside kakhulu kulona angicabangi, ngaphandle uma ungaphenduleki kahle. Futhi asiqale nje ukufunda lapha kwabase-Efesu isahluko 1.

114 Manje, into yokuqala, ngifuna ukusho lokhu, ukuthi *ukumiselwa ngaphambili* yigama elibi kumfundisi ukuba—ukuba alisebenzise phambi kwenhlangano yebandla elingaqeqeshiwe. Niyabo? Linjalo. Angilisebenzisi. Ngezinye izikhathi lapha ebandleni . . . Kodwa phandle kwizethameli, phandle kwenkulu . . . Lapho i—yonke into inqwatshelwe phakathi evela kuzo zonke izinto, ngiyalibhekisisa lelogama. Ngisebenzisa njalo igama elithi *ukwaziphambili*, ngoba ukumiselwa ngaphambili kuphela kungukwaziphambili kukaNkulunkulu. UNkulunkulu engongenasiphelo, ngokwaziphambili Wayazi izinto zonke, kungenjalo Akasuye ongongenasiphelo. Niyabo, niyabo? Wayazi ukuthi kwakuzokwenzekani. Ngakho ngokwaziphambili Wayekwazi ukumisela ngaphambili. Yingalesosizathu ngikholwa ukuthi uNkulunkulu—ukuthi uNkulunkulu akavele nje . . .

115 Njengomoya osemkhathini owuphefumulayo nje; ngiyaphikisana noFakazi kaJehova kulowomqondo ukuthi ukuphefumula kwakho kungumoya wakho. Kungeke kwaba yiwo. Niyabo? Umoya wakho usenhliziyweni yakho. Niyabo? Futhi wathola umoya wakho ngaphambi kokuba u—uze ufike ezweni. UNkulunkulu watshela uJeremiya ukuthi Wayemazi, futhi wamngcwelisa, futhi wamenza umprofethi phezu kwesizwe—phezu kwezizwe ngaphambi kokuba aze akhulelwe esizalweni sikanina (niyabo?), uJeremiya 1:4.

116 Manje qaphelani. Ngakho siyabona ukuthi zonke lezizinto zingukwaziphambili. Iminyaka engamakhulu ayisikhombisa neshumi nambili ngaphambi kokuba uJesu azalwe—ngaphambi kokuba uJohane azalwe, uIsaya wambona embonweni, wathi wayeyiphimbo lomemezayo ehlane— iminyaka engamakhulu ayisikhombisa neshumi nambili. Kusukela ensimini yase-Edene, uJesu Kristu, ngaphambi kokusekelwa kwezwe . . .

117 Kwabakanjani . . . ? Asifunde lokhu. Kwabase-Efesu 1, asiqale nje esahlukweni 1 ukuze—noma ivesi 1.

> *UPawulu, umphostoli* . . . (Manje bhekisisani ukuthi ukukhuluma kanjani lokhu. Ngiyayithanda lendlela kaPawulu. Ngiyamthanda uPawulu, animthandi nina na? O, wayeyinceku kaNkulunkulu emangalisayo kaKristu. Manje bhekisisani lokhu.)

*UPawulu, umphostoli kaJesu Kristu ngentando kaNkulunkulu, kubo abangcwele abase-Efesu, na . . . bo abakholwa nguKristu Jesu.*

118 Qaphelani, lokhu akakukhulumi ezweni; lokhu akukhulunywa kongaphandle. Lokhu kuya eBandleni elikuJesu Kristu (o, akuthandeki yini lokho na?), iBandla kuJesu Kristu. Lokho yi . . . Ungena kanjani kuJesu Kristu manje na? NgaMoya munye thina sonke sabhaphathizwa sibe Mzimba munye. Manje—kanjani . . . Futhi—futhi uqondisa lokhu kubantu abagcwaliswe ngoMoya oNgcwele (niyabo?), hhayi ezweni elingaphandle.

*Makube-kini umusa, nokuthula, okuvela kuNkulunkulu uBaba wethu, naseNkosini uJesu Kristu.*

*Makabongwe uNkulunkulu* owethu *uYise—uNkulunkulu no—uYise* wethu *weNkosi yethu uJesu Kristu, osibusisile kuzo zonke izindawo* zasezulwini—ne*zibusiso zokomoya ezindaweni* zasezulwini *kuKristu!*

119 O, he! Ubungethande ukuhlala kwezinye zaleyo na? Awu, siyathanda. Impela! UMoya oNgcwele ofanayo. Ushilo manje, njengoba nihlezi ndawonye ezindaweni zasezulwini *ku*Kristu Jesu, uNkulunkulu usibusisile ngazo *zonke* izibusiso zokomoya, Dadewethu Rose. Ngikholwa ukuthi—ukuthi—lokho yi . . . A—angikwazanga ukucabanga igama lakho ngoluny'usuku. Ngikholwa ukuthi wawusemgqeni womkhuleko noma okuthize. Futhi ngi—ngiyakhumbula ngizama ukucabanga ngakho kamuva, futhi ngi—kodwa igama lakho nguRose Austin, lokho akunjalo na? Ngi rem- . . . Wawuvamise ukuza lapha etabernakele ngaso sonke isikhathi. Yilokho-ke. Kulungile. Manje:

*Makabongwe u—uNkulunkulu kaBaba* wethu . . . *uJesu Kristu, osibusisile ngezibusiso zonke . . . wonke umoya- . . . ezindaweni zasezulwini . . .* (Ake sibone uma ngifunda lokho—ngikucaphuna kahle lokho.)

*Makabongwe uNkulunkulu noYise weNkosi yethu uJesu Kristu, osibusisile ngezibusiso zonke zokomoya ezindaweni zasezulwini kuKristu* Jesu: (Sibuthene ndawonye manje ezindaweni zasezulwini kuKristu Jesu.)

*Njengalokho a . . .* (Manje lalelani! Nonke senilungele na?) . . . *Njengalokho asikhethela kuye ngaphambi . . .* (Ngishumayele kini.) . . . *ngaphambi kokusekelwa kwezwe, . . .*

120 Manje, niyabo, angakhuluma eBandleni. Wayengeke akusho lokho ezinganeni, kodwa ukhuluma eBandleni eselivele likuKristu. Manje, wayengeke aphumela lapha kwelinye nje ibandla futhi athi, "Awu manje, *lokho*." Yilabo abaKhethiweyo okuKristu.

121 Manje, wena uthi, "Awu, ngiyakholwa ukuthi ngikuKristu." Uma unjalo, wemukele uMoya oNgcwele, ngoba leyo yiyonandlela kuphela ongangena ngayo kuKristu. KwabaseKorinte bokuQala 12:13 (niyabo?)—kwabaseKorinte bokuQala isahluko 12. Kulungile. "Ngokuba ngaMoya munye thina sonke sabhaphathizwa sibe Mzimba munye (okunguMzimba kaKristu)." Manje! Manje-ke sihlezi ndawonye ezindaweni zasezulwini nganhliziyonye (Mmm!), uMoya oNgcwele uhamba phakathi kwethu, usifundisa, usibonisa izinto ezinkulu, wenza izinto zifezeke. O, indawo enje pho!

122 Wathi, "Manje, nina obizwe kanjalo, ngifuna ukukhuluma kini, nina, abakhethiweyo. Ukuthi uNkulunkulu wasikhethela kuYe ngaphambi kokusekelwa kwezwe." Cabangani ngalokho. UNkulunkulu wasikhethela kuYe ngaphambi kokusekelwa kwezwe. UNkulunkulu wayazi ngaphambi kokusekelwa kwezwe ukuthi ngiyokhuluma lendaba efanayo kulobubusuku. Ungongenasiphelo. Futhi ngaphambi kokuba kubekhona izwe. . .O! Whewu! Lapha, tholani uMoya oNgcwele manje. IZwi lizoWuletha. Niyabo? Ufika kanjalo-ke: "Kwathi uPetru esakhuluma lawamazwi uMoya oNgcwele wehlela kubo." Niyabo, niyabo?

123 Ngaphambi kokuba kubekhona izwe nanisemicabangweni kaNkulunkulu ukuba aniphe uMoya oNgcwele, ngoba Wayazi ukuthi niyobe niWufuna; futhi Wanikhetha Yena uqobo ngoba nanifisa. . .Wanikhethela kuKristu ngaphambi kwenu noma uJesu, noma yimuphi wenu, abe semhlabeni. Futhi Wathumela uJesu ukuba afe, ukulungisa indlela ukuba athumele uMoya oNgcwele, ukuba anilethe kuYe uqobo. Mmm! O, lokho nje. . . Ngiyazi ngingahle. . .Leli yibandla, ngakho ngisekhaya manje, niyabo. O, lokho kucebe kakhulu kimi. Ukucabanga ukuthi akusikho ukuthi ngangifunani; kwakungesizo izifiso zami; kwakungesiyo intando yami; kwakungesikho ukukhetha kwami; ngangingahlangene nanokukodwa nakho. Kodwa ngaphambi kokuba izwe lize liqale, uNkulunkulu wasibona wayesefaka igama lethu eNcwadini yokuPhila yeWundlu. Ngaphambi kokuba kubekhona ngisho izwe! Ukhuluma ngoNkulunkulu! Whewu!

124 Ngama phandle ngaleya lapho lesosibuko esikhulu. . . Ungabona ibanga lokukhanya leminyaka eyizigidi eziyikhulu namashumi amabili. Ngenkathi ngibuka futhi ngakubona lokho (Angitholanga ukuthi ngibone ngesibuko, kodwa ngabona isithombe lapho abasithatha khona)—futhi ngadingeka nje ukuba ngiphakamise izandla zami phakathi lapho, kuleyondawo, ngase ngithi, "Umkhulu kangaka, Umkhulu kangaka!" Futhi ngaphambi kokuba eyodwa yalezozimbulunga zemihlaba zike zaphenduka (Haleluya!), uNkulunkulu wasikhethela kuJesu Kristu. Manje, Umkhulu kangaka. Yebo, mnumzane!

125 Ngaphambi kokuba kuze kubekhona izwe, ngaphambi kokuba kubekhona imbulunga yomhlaba, ngaphambi kokuba kubekhona ilanga, ngaphambi kokuba kubekhona inyanga, ngaphambi kokuba kubekhona ukukhanya, ngaphambi kokuba kubekhona noma yini, ngenkathi kwakuseyilokhu kunguNkulunkulu, uNkulunkulu nemicabango yaKhe, imicabango kaNkulunkulu yaphakade yanikhetha ngokumiselwa ngaphambili, ngokwaziphambili, ukwazi ukuthi nanizoba semhlabeni, ukwazi ukuthi kwakuzobakhona isono.

126 Omunye wathi, "Manje-ke, kungani kwa—kungani kwabakhona isono na?" Ukuba sasingazange sibekhona isono, izingxenye zaKhe ezingehlukaniseki zazingeke zize zibe nguMsindisi. Kwakufanele kubekhona isoni ukuze Akwazi ukuba nguMsindisi. Kwakufanele kubekhona umuntu ogulayo ukuze Akwazi ukuba nguMphilisi. Amen! Nakho lapho okhona. Kwakufanele kube ngaleyondlela. KwakunguNkulunkulu o—owakubonayo futhi wakwazi phakade. Udeveli akanalo ngisho nethuba. O, uyisiqu nje eceleni komgwaqo uNkulunkulu ayisebenzisa ukuletha abantwana kuYe, bememeza, "Aba, Baba." Akumangalisi ngalolosuku ukuthi iziNgelosi ziyohlabelela kanjani! Nxa sicula izindaba zokuhlengwa, iziNgelosi ziyokhothamisa amakhanda azo; azazi ukuthi sikhuluma ngani. Impela! Zazingakaze zilahleke. Azazi ukuthi kuyini. Azazi ukuthi sizizwa sikahle kanjani, ukwazi ukuthi thina esake saba yizoni futhi sehlukanisiwe noNkulunkulu, singenathemba, singenakuhawukelwa, singenaNkulunkulu ezweni lokonakala, sifa, siya esihogweni sikadeveli; noNkulunkulu wakhothamela phansi, wayesesicosha, wayesesihlenga; futhi manje sesingaphezu kweziNgelosi. Khona manje!

127 Kuyini na? Ingelosi iyinceku. Thina singamadodana namadodakazi. Ubani ocatshangwa kakhulu, inceku yakho noma indodana yakho noma indodakazi yakho na? O, he! Umkhuleko wabangcwele uyohamba uphakame ngokuphindwe kasigidi kuneNgelosi (yebo, mnumzane!), ngoba uyindodana. O, whewu, kunjalo, mfowethu, dadewethu.

128 Awu . . . Ibandla . . . Angikholwa ngakulelicala le—lephakade ukuthi siyoke siqonde kanjani ukuthi lokho eniyikho, isikhundla eniyiso, uNkulunkulu anibeke kuso, nina bantu enigcwaliswe ngoMoya. Ningamadodana kaNkulunkulu. Ngani, iNgelosi iyinceku. Uyindodana! INgelosi inganilethela kuphela umlayezo, kodwa ufanele wenze. Amen! Ungumenzi enkundleni. Uyindodana. INgelosi iyinceku yenu, ukunilethela umlayezo, ithi, "Lapha, nginilethele lomlayezo ukuba nenze *kanje-kanje*. Lona uvela kuBaba. Ngiwuletha kini." Yebo. Kuyilokho kuphela. Amen! Ningamadodana namadodakazi kaNkulunkulu. Usimisele ngaphambili! Manje, bhekisisani umzuzu nje.

> *Njengalokho asi—asikhethela*. . .(Manje, asikhethanga. . .NganginngaMkhetha kanjani na? Izigidigidikazi ezingamakhulu amane, isigidi, isigidigidikazi, isigidi sezigidigidikazi zeminyaka eyedlula, ngangingaMkhetha kanjani na? Kodwa Wangikhetha. Amen! O, Mfowethu Wood, yilokho. Niyabo?). . .*sikhethele kuye ngaphambi kokusekelwa kwezwe, ukuba sibe-ngcwele*. . .(Manje, ungazami ukuzenzela ngesingawe, ngoba ungeke.). . .*futhi singabi-nakusolwa phambi kwakhe:*

O, mfowethu, lokho kuzophendula umbuzo engiwubone lapha emizuzwini embalwa nje edlule. Ndawondawo ngi—ngiwubonile nje u. . . O, yebo.

> **Uthe. . .Umuntu ubengaphila kanjani ngaphezu. . .aphile ngokusondele kakhulu kuNkulunkulu, aze angabi nasono na?**

Lalelani lokhu:

> . . .*ngcwele*. . .kusukela *kokusekelwa kwezwe, ukuba sibe-ngcwele futhi singabi-nakusolwa phambi kwakhe:*

129 Uthando lwaKhe lwakwenza. Uthando lwaKhe lwahlawulela izono zami. Uthando lwakhe lwasisusa. Uthando lungumfutho onamandla amakhulu kakhulu. Thatha umyeni omthanda ngempela umkakhe, ubengamfela ngesihle. Nothando lobuzalwane. . .

130 Kwakukhona indoda, indoda ethize, iza kulelibandla kanye ngasikhathi, phandle ezweni. Yayihlezi endlini yomfowabo ngoluny'usuku. Yathi "Uma-ke into ethize ibiyenzeke kuMfowethu Bill na?" Yathi, "Ngokujabula bengingaqhunsula isifuba sami ukumbambela inhlamvu." Niyabo? Akufele. Lolo wuthando. Uthando olukhulu kakhulu alunandoda kunalawo angabeka phansi ukuphila kwayo ngomfowabo—wabo. Niyabo?

131 Ngothando, wasikhetha ngothando ngaphambi kokusekelwa kwezwe. Manje bhekisisani:

> *Wasimisela ngaphambili*. . .(Manje, nanto igama elamiselwa ngaphambili.). . .*Wasimisela ngaphambili ukuba sibe ngabantwana kuye ngoJesu Kristu, njengalokho kwaba kuhle kuye nge*—nge*ntando yakhe.*

132 Uthini ngalokho, Mfowethu Mike na? Akumangalisi lokho na? Wakuthanda. Wakuthanda ngaphambi kokuba kubekhona izwe. Wayeyazi mvelo yakho; Wayebazi ubuthakathaka bakho; Wayeyazi imikhuba yakho. Wayazi konke ngawe, owawuzoba yikho. Bese kuthi-ke, ngenkathi Ebuka kuwo wonke umhlaba nezulu okukhulu, njengoba wawunjalo, Wathi, "Ngiyakukhetha." Futhi ngenkathi Ekwenza lokho, ngaphambi kokuba kuze kubekhona ichashaza lo—lokukhanya, khona-ke wena uphakade noNkulunkulu. Nxa wemukela

uMoya oNgcwele, khona-ke uba phakade, ngoba une—ukanye noNkulunkulu, uyingxenye kaNkulunkulu. Ningabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? Uphakade nje njengoNkulunkulu, ngenxa yokuthi nje u . . .

133 NginguBranham kakhulu impela njengoba ubaba wami wayenguBranham, ngoba ngiyigazi likaBranham. NginguBranham nobaba wami, ngoba ngazalwa ngubaba wami. NginguBranham naye. UnguWood, ngoba ubaba wakho ubizwa ngoWood. UnguWood kakhulu impela njengoba uJim Wood enjalo; unguBanks Wood nje. Amen! O, he! UnguNeville ngenxa yokuthi ubaba wakho wayenguNeville. UnguNeville kakhulu impela njengoba wayenguNeville. Udumo! Siphakade nje njengoba uNkulunkulu enjalo, ngoba siyingxenye kaNkulunkulu, amadodana namadodakazi kaNkulunkulu, sinokuPhila okuPhakade, futhi singeke size sibhubhe. "Ngiyakubavusa ngomuhla wokuphela."

134 Akumangalisi ngenkathi belungiselela ukunquma ikhanda likaPawulu phandle lapho . . . Wadingeka ahambe leyondlela yokufa. Wabhala leyoncwadi yokugcina kuThimothewu, wathi, "Ngilwile ukulwa okuhle; ngiqedile ibanga lami; ngigcinile ukukholwa! Sengibekelwe umqhele uMahluleli oLungileyo ayakungipha wona ngalolosuku, kungeyimi ngedwa, kepha bonke labo abathanda ukubonakala kwaKhe."

Kwase kuthi-ke ukufa, "Ngiza emva kwakho."

Wathi, "Luphi udosi lwakho na?"

Ithuna lathi, "Ngizokuthola."

135 Wathi, "Kuphi ukunqoba kwakho na?" Kodwa wayenesibonelo. Wabuka emuva eKalvari wayesethi, "Kodwa makabongwe uNkulunkulu osinika ukunqoba ngeNkosi yethu uJesu Kristu." Nakho lapho okhona. Mmm! Kwakufanele kushukumise amadlingozi; kuzofanele nje.

136 Ukuphila ku . . . IZwi liyaphuma. UkuPhila, izwi lokuphila libamba ukuPhila, naphakathi kwesidalwa esingumuntu kufanele kubekhona okudazulukayo.

Niyazi, omunye wathi, "Billy, yini okwenza abantu bavuke bese bephosa izandla zabo phezulu noma bathi, 'Ayibongwe iNkosi!' noma 'Amen!'?" Bhekisisani ukuthi iBhayibheli lithini.

137 UPawulu wathi, "Uma sikhulume ngezilimi ezingaziwa, ukanjani ongafundile . . . Uma ebusiswa—uma ebebusisekile, ubengasho kanjani ukuthi, 'Amen'?" Niyabo? Ufanele wazi ukuthi ukhuluma ngani. Izilimi ezingaziwa, ngaphandle uma kungomhumushi noma isambulo . . . Khona-ke ungasho ukuthi, "Amen!" uma engakuqonda. Uyakwazi akushoyo. Niyabo?

138 Manje! O, he! Bukani lapho ngalolosuku ngenkathi isitha sizongenela uDavide. Futhi ubanika konke ukudambiswa kwewayini ne—ne—neqatha elimnandi lenyama nesinkwa.

Futhi—futhi ngenkathi isitha siza, abazanga ukuthi bafanele benzeni; futhi babuthana phandle lapho; nawo wonke uIsrayeli wabuthana ndawonye phansi kokusoka. (Manje, lokhu kuphakathi kokusoka okudala kwabaJuda.) Futhi baphakamisa izandla zabo base bethi, "Nkulunkulu, UnguNkulunkulu wethu. Usivikele. Ulethe uMose umprofethi, futhi Wakhipha abantwana bakwa-Israyeli eGibhithe. Wabakhuphula bedabula ugwadule. Ngenkathi belele lapho, akekho owayesaba uku—wonke umuntu wesaba ukubathinta, akekho ongeza eduze kwefa laKho. Babesatshwa." Nokho babesengcosaneni ngesibalo, kodwa bonke basusa izandla kubo. Ngokuba yonke into eyangena kubo, babuye batinyelwa. Wathi, "O, UnguNkulunkulu oMkhulu kangaka. Namanje, Nkosi, uma sonile . . . Nanka amakhosikazi ethu; nampa abantwana bethu abancane; futhi sisosizini kulelihora." Wathi, "O, singenzenjani na? Isitha siyeza." Wathi, "Singenzenjani na?"

139 Futhi kwathi besakhuleka uMoya wehlela phezu koyedwa phandle lapho ezithamelini, wayeseprofetha, "ISHO KANJE INKOSI, awuzukulwa; yima uthule! (Amen!) Yehla ngendlela *ethize* bese uhlangabezana nabo lapho." Futhi Wabangela ukudideka phakathi kwabo, base bebulalana. Mmm! Nakho lapho okhona. Bamiselwa ngaphambili ukuba babe ngabakhethiweyo kuKristu Jesu ngaphambi kokusekelwa kwezwe. Manje.

**104. Uthe umuntu angaphila asondele kakhulu kuNkulunkulu ngangokuthi angeke one ngenkathi esekulomhlaba. Manje-ke chaza uJohane wokuQala 1:8 kuya kwele 10.**

140 Ake sibone uJohane wokuQala 1:8 kuya kwele 10. Ukuba benginesinye isikhathi esincane ukubuka lena . . . benginawo, kodwa angiwuthathanga nje, bangani. Ngi—bengizama uku—ukuphuma . . . Awu, ngizothola uJohane emva kwesikhashana. Kuzo—kuzoba ngakwelinye icala lamaHeberu, kusobala. Kulungile. UJohane wokuQala 1:8 kuya kwele 10—uJohane wokuQala 1:8 kuya kwele 10.

> *Uma sithi . . . asinasono, siyazikhohlisa, neqiniso alikho kithi.*
>
> *Uma sizivuma izono zethu, uthembekile ulungile ukuba a . . . thethelele izono zethu, futhi . . . sihlambulule kukho konke ukungalungi.*
>
> *Uma sithi asonanga, simenza umqambimanga, nezwi alikho kithi.*

141 Awu manje, awulinde mfowethu othandekayo. Phenya nje ngqo esahlukweni 3 lapha nevesi 9. Usekhasini elifanayo ngqo eBhayibhelini lami. Ivesi lesishiyagalombili ukuqala nje:

> *Owenza isono ungokasathane; ngokuba usathane* wona *kwasekuqaleni. INdodana kaNkulunkulu* yabonakaliswa *ngalokhu, ukuze ichithe imisebenzi*

*kasathane.* (Lokho nje ebengikhuluma ngakho, niyabo, uNkulunkulu emisela ngaphambili, ekwazi.)

> *Lowo ozelwe nguNkulunkulu akenzi isono; ngokuba imbewu yakhe ihlala kuye: futhi akanakona, ngokuba* u—u—*ngokuba u*zelwe *nguNkulunkulu.*

142 Yilokho nje iZwi elikushoyo. Manje, uma nizobhekisisa lapha.

> *Uma sithi . . . asonanga, simenza umqambimanga, nezwi alikho kithi.*

Manje, abanye abantu bathi, "Awu manje, nansi intombazanyana enhle noma umfanyana omuhle. Abakaze bone kwase kuqaleni nje." Uzalelwa esonweni, wabunjwa ebubini, ufika ezweni ukhuluma amanga. Uma uzalwa kulelizwe, ungumqambimanga, uyisela, uyiyo yonke into ekhona, nje konke isono, hhayi isela, ngoba awukebi. Kodwa uyi—kodwa une . . . Awusuye umqambimanga, ngoba awukawaqambi amanga. Kodwa lowomoya ukuwe uma uzalwa, ngoba ungowezwe. Yingalesosizathu ungeke waba nenguquko, ukuguquka; ufanele ufe futhi uzalwe. Futhi ungeke waba nokuzalwa ngaphandle kokubethelwa. Ungeke waba nokuvuka; ufanele ubethelwe ezintweni zezwe ukuze uvuswe kuKristu.

143 Uma uzoncika emiqondweni yokuhlakanipha kwakho—kwakho kanjalonjalo, awusoze wazalwa ngoMoya oNgcwele. Ufanele ukhohlwe, njengoba kwenza uPawulu, konke lokho ake akwazi, nokungazi lutho phakathi kwenu ngaphandle kukaKristu Jesu, futhi ngazalwa ngokusha, kabusha. O, uma . . . Lapha . . . Uma bengingakufinyelelisa kini. Niyabo? Ngukuzala okwenza okusha i genera- . . . isidalwa esisha. Lona impela igama lesiGreki lapha, njengoba bengilibheka kwisichazamazwi sesiGreki ilekzikhoni ngolunye usuku, igama elithi *ukuzala* lisho "okudaliweyo." Uma lithi, "Niyi—zidalwa ezintsha kuKristu Jesu," kunegama lapho, *isidalwa* yigama *okudaliweyo*. Ungo*kudaliweyo* okusha, hhayi ezweni, kodwa kuKristu Jesu. Kade ungesisha.

144 Manje, wawusezweni futhi wathi, o, uyazi, izinto ezifekethisiweyo, izingubo ezinhle noma enye into ethize enhle. Futhi, "Ba-a-a!" Inkolo iseceleni. Niyabo? "O, ngiya esontweni, impela. Angifuni ukuya esihogweni, kodwa niyazi . . . " Namehlo amahle ansundu entombazaneni, noma izinwele ezincane eziyinkimbinkimbi zomfana, noma ukakhulu, niyazi, into ethize noma enye, into nje ukuheha ukunaka, noma ukukhanuka, noma ukuphuza, noma into ethize noma enye lapho. Lelo yizwe; u—usezweni. NeBhayibheli lathi, "Uma uthanda izwe nezinto zezwe, uthando lukaNkulunkulu alukho ngisho nakuwe." Ngakho ukuze ukukhiphe lokho kuwe, ufanele ufe, fanele ufe, ubethelwe, futhi umbelwe, futhi uvuswe ungokudaliweyo okusha kuKristu Jesu.

145 Manje, ngaphambi kokuba wemukele uMoya oNgcwele, ukholelwa *eku*Phileni okuPhakade. Kodwa awunakho ukuPhila okuPhakade uze wemukele uMoya oNgcwele, ngoba UngukuPhila okuPhakade. UMoya oNgcwele unguNkulunkulu; UngukuPhila kukaNkulunkulu kuwe. Khona-ke unokuPhila okuPhakade. Seniyakuqonda lokho manje na? Niyabo? Bukani! Niyabo? Ukholelwa *kukho*.

146 Lindani, nansi into enhle. Nina besifazane ningixolele ngalokhu uma kuzwakala kungubuluhlaza kakhulu (niyabo?). . . kwenza iphuzu. Umama: kukhona ukuphila, kodwa noma kunjalo, leyongane ayikazalwa. Kodwa uma uyiphatha kahle leyongane bese ulandela imigomo yemvelo, leyongane izozalwa ngokwejwayelekile. Kodwa uma ungasebenzisi yonke into ngokwemigomo yemvelo, udedela ukulimazeka okunzima, noma ukushayeka, noma—noma into ethize yenzeke, i—i—izoyona (niyabo?); kuzoyibulala ingane ngaphambi kokuba izalwe.

147 Awu, yileyo-ke indaba. Ukulimala kuvela kuSathane. USathane uthatha imicibisholo enophoyizeni yasesihogweni bese ezama ukulimaza iBandla elisekusikweni linengane. Futhi ngaphambi kokuba ize izalwe, iyayibulala. Kodwa uma nje uthatha iBhayibheli bese uyayondla e—uyiphe ukudla kwezingane, umama uthatha amavithamini . . . Awu, leli yiVithamini eledlula onke engaziyo ngalo, iVithamini kamoya. Niyabo? Kuyakwakha.

148 Manje, ibandla belifanele ngabe lithatha amaVithamini kamoya; namaVithamini likhona lapha, yonke iNcwadi egcwele wona. Futhi nifanele ngabe nithatha amaVithamini kamoya, nifunda, nalokho kuletha ingane ekuzalweni. Niyabona ukuthi ngisho ukuthini na?

149 Manje, umfo omncane, uma e—e—enokuphila—u—unokuphila, ngoba izicubu ezincane ziyanyakaza futhi ziyakhahlela emva cishe kwezinyanga ezintathu futhi—noma ezine. Bese kuthi-ke, iyakhahlela futhi iyanyakaza kodwa ayikazalwa okwamanje. Kodwa ithi masinyane ingalethwa ezweni, udokotela, umama, noma omunye, ayiphakamise bese [UMfowethu Branham ushaya ihlombe—Umhl.] ayithwansule kancane. "Wa-a-a!" Nanso ihamba (niyabo?), bese-ke iqala ukuphefumula. Futhi ithi nje masinyane ingaphefumula umoya wokuphila, bese-ke iba ngumphefumulo ophilayo.

150 Futhi yilokho-ke ngezinye izikhathi . . . Usulungele ukwemukela uMoya oNgcwele na? Usekusikweni; ufuna ukubelethwa. Bangaki phakathi lapha okulesosimo khona manje, efuna umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, ngempela ofuna ukwazi ukuthi kuyini, ofuna ukuthola—angene kukho na? Ubani ofuna umbhaphathizo kaMoya oNgcwele na? Phakamisani izandla zenu. Niyabo? Usekusikweni, ufuna—

ufuna ukubelethwa. Okudingayo ngukuthwansulwa okuncane kweVangeli, into encane engukuthi [UMfowethu Branham ushaya ihlombe—Umhl.], bese uyadazuluka, "uDumo!" Futhi uma kwenzeka...Ngiyazi nicabanga ukuthi ngiyahlanya, kodwa si—sinomqondo kaKristu ongukuhlanya ezweni empeleni. Into ethize idazuluka phakathi, bese-ke lowoMoya uyakukhulula. Bese-ke Ulokhu uza.

151 Njengoba ngasho kumuntu, kunjengepayipi elidala elivalekile. Bese ulidlokodla ngocingo oluncane, bese ubamba lolucingo, "Ziki, ziki, ziki." Futhi kukhona okukhulu ukugeleza kwamanzi ezama ukwedlula. "Ziki, ziki," awukutholi, kodwa uyazi ukuthi kukhona into ephezulu lapho. Ungayizwa; iphezu kwalapho ekugcineni. Bese kuthi emva kwesikhashana linike okukhulukazi ukudonsa, bese, "Swushi!" kuphuma amanzi ngepayipi. Kungaleyondlela-ke. Bese-ke amanzi elokhu eza nje. Ungaleyondlela-ke uMoya oNgcwele. Isono savimba amapayipi. U—uhlala uqhiyame bese uthi, "Ngiyakhophoza. Uyazi, bengingekwazi nje ukusho lokho. Ngiyesaba abantu bacabanga ukuthi bengingumgingqiki ongcwele." Niyabo? Lokho yi...

152 Manje, uma uzwa lokho kudluthula okuncane kukaMoya... UWufuna ngaphezu kokuphila—ufuna ngaphezu kokuphila kwakho uqobo. Usho lukhulu kuwe: "Ngifanele ngibe naWo kungenjalo ngife." Into yokuqala uyazi ukuthi kukhona okutholile. Uthi, "Yilokho-ke, Nkosi." Ubhoncula isivimbo. Whewu! Nasi siza! Asisekho! O, he! Ukhululekile! O-o! He, angikhathali uma uMongameli Eisenhower ubehleli lapha. Bengiyothi, "Udumo kuNkulunkulu, iGazi laKhe lizokusindisa."

153 UPetru nabo wayesemuva phakathi ngemuva lapho ePhentekoste ecashile, ethi, "Lunguzani emnyango ngokuthula impela, nibone ukuthi abekho yini abalawomaJuda phandle lapho abezayo."

"Qhabo. Angiboni namunye wawo."

"Kulungile, thulani ngempela, bafo, ngiyanitshela, uma eke aze enyukela lapha, azosidonsa asikhiphele ngaphandle. Yikho konke okukukho nje. Hlala usondele."

154 Bonke babehlezi lapho, futhi ngokungazelelwe kuvela inhlokomo eZulwini njengeyokuvunguza komoya onamandla. Iqala ukugcwalisa yonke indlu ababehlezi kuyo. Into ethize iqala ukwenzeka. Basho baphuma kuleyondlu bahamba; bavula gelekeqe iminyango, basho bahamba behla ngezitebhisi bayangena lapho bediyazela njengesigejane samadoda adakiwe ngaphansi komthelela kaMoya, nje bedazuluka futhi beqhubeka.

155 Bathi, "Lamadoda adakiwe. Balaleleni. Bukani lelogwala lilunguza emnyango, lo owaphika uJesu ezansi ngaleya

ekubethelweni. Wathi, 'NgangingaMazi ngisho.' Owesifazane omncane wathi, 'Awu ukukhuluma kwakho kuyakukhaphela. Ungomunye wabo.'" Wathi, "Wathuka, wathi, 'AngiMazi.'"

156 Kodwa ngenkathi lesosivimbo sibhonculwa, ngenkathi uMoya uqala ukugobhoza kuye, wathi, "Madoda aseJudiya, nina enakhileyo eJerusalema, makwazeke lokhu kini futhi nibeke indlebe kimi. (Amen!) Ngingubasi. Makwazeke lokhu kini; laba kabadakiwe. (Emela ibandla lakhe.) Laba kabadakiwe njengokucabanga kwenu, lokhu kuseyihora lesithathu lemini, kodwa lokhu yilokho okukhulunywa ngomprofethi uJoweli: 'Kuyakuthi ezinsukwini zokuphela, usho uNkulunkulu, Ngiyakuthulula uMoya waMi phezu kwayo yonke inyama . . .'" M-m-m, umehluko onje pho! Whewu! He, ngiyazi ningahle nicabange ukuthi lena yinto esabeka kakhulu, kodwa ngi—ngi—ngifanele nginenze nibone ukuthi yini iQiniso. Hlalani naLo.

157 Manje, impela, ninokuPhila okuPhakade.

158 Manje, ukuchaza lokhu. Lokhu, uthi . . . "Uma sithi asonanga ('Bonke bonile futhi basilalelwe yinkazimulo kaNkulunkulu') senza uNkulunkulu umqambimanga." Wathi niyokona. Uma nithi anonanga . . .

159 "Ngi—ngazalelwa ebandleni leBaptisti, ibandla leMethodisti, ibandla lePentecostal, ibandla lePresbyterian; ngazalwa . . ." Lokho akwenzi nomnci umehluko, ufanele uzalwe uphume kulo futhi. Kunjalo. Uma sithi asonanga, uMenza umqambimanga. NeZwi, eliyiQiniso . . . Bangaki owaziyo ukuthi iZwi liyiQiniso na? "Ekuqaleni wayekhona uLizwi . . . noLizwi waba yinyama, noLizwi . . ." "Bangcwelise, Baba, ngeQiniso. IZwi laKho liyiQiniso." Futhi WayeYizwi. Niyabo? "NeZwi, noma uKristu, akekho kuwe." WayeyiZwi. Bangaki okwaziyo lokho na? Niyabo? Kulungile.

160 Sizokufunda kanjena-ke: "Uma nithi anonanga, niMenza umqambimanga, noKristu akekho kithi." Niyabo, niyabo? Manje, lokho, niyabo, nxa nithi nonile . . . ukuthi anonanga, ninephutha. Nifanele nizalwe ngokusha.

161 Manje, sizophenya ngapha kuleli elinye ivesi. "U . . . Lowo ozelwe nguNkulunkulu akenzi isono, akenzi isono, ngokuba . . ."

162 Manje yini isono na? Ubani osho lokho, omunye na? Ukungakholwa. Yilokho iBhayibheli elakushoyo. Sinye kuphela isono, nalokho ngukungakholwa. Kunjalo. "Ongakholwa uselahliwe vele." Niyabo? Ngakho thina, isono sangempela esisodwa.

163 Manje, uma uthi, "Awu manje, awulinde umzuzu. Ngikholwa ukuthi bangahle babe noMoya oNgcwele kanjalo ngalezozinsuku, kodwa angikholwa ukuthi kunjalo."

164 "Kodwa, mfowethu, iBhayibheli lathi, 'Isithembiso ngesenu nesabantwana benu.'"

"Ngiyazi, kodwa . . ." Uyona. Uyona khona lapho. Awukukholwa uNkulunkulu akusho.

"UJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade."

165 "Awu, qhabo, safundiswa ukuthi . . ." Angikhathali ukuthi ufundiswani. IBhayibheli lathi—Wathi, "Onke amazwi omuntu awabe ngamanga nawaMi abe yiqiniso." Kulungile.

Wena uthi, "Awu, U—ngokukhulu Unguyena, kodwa angi . . . Usho ukuthi Unguyena na?"

"Ya, eBandleni enza izinto ezifanayo Azenzayo ngenkathi Eselapha."

166 "O, ngeke ngakukholwa lokho." Wena uyona. Wena uyona. Futhi lowo ozelwe nguNkulunkulu, nguMoya oNgcwele, akazisho lezozinto. Futhi uma ethi unoMoya oNgcwele futhi esho lezozinto, lobo ngubufakazi obubonakalayo ukuthi akanaWo. Angikhathali ukuthi wenzeni. Uma engakholelwa ekuphiliseni ngokukaNkulunkulu, engakholelwa eMandleni okuvuka, engakholelwa kuMoya oNgcwele uthululwa phezu kwethu ngakho impela nje njengoba Wenza kulo kulowonyaka wokuqala, uNkulunkulu onguyena nje izolo, namuhla, naphakade, izinto ezifanayo abaphostoli abazenzile zenzeke khona manje, ukukhuluma ngezilimi, nokujabula, nazo zonke lezi ezinye izinto; uma bengakukholwa lokho, akazelwe nguNkulunkulu. Ngokuba lowo ozelwe nguNkulunkulu akazenzi lezonhlobo zezinto. Ungabona kanjalo-ke ukuthi bazelwe nguNkulunkulu yini.

167 Uma wenyukela kumfo bese uthi, "Dkt. Ph. *S'bani-bani-s'bani-bani,* Mfundisi mhlonishwa Dkt. *S'bani-bani* (okungukuthi kuhle, ngifisa sengathi nganginaso, iziqu), kodwa ngabe kunjalo ukuthi ukuphilisa ngokukaNkulunkulu kufanele kuqhutshwe ebandleni njengoba kwenza abaphostoli nje na?"

"O qhabo, qhabo!" Uyona. Ungongakholwayo. Kunjalo.

168 Wena uthi, "Uyakholwa ukuthi semukela uMoya oNgcwele njengoba benza lapha na? Bengifunda ngapha eBhayibhelini eZenzweni 2 lapho Elithe babe . . . futhi kwathululwa uMoya oNgcwele, futhi badiyazela sengathi babedakiwe, futhi baphumela lapho base bekhuluma ngezilwimi zalababantu, nezinto ezinjalo; baziphathisa okwabantu abadakiwe, nebandla lacabanga ukuthi babedakiwe. Uma semukela uMoya oNgcwele namhlanje ebandleni leBaptisti, iBaptisti yethu, iMethodisti yethu, iPresbyterian yethu, noma kungahle kube yini, aku—angisiboni thina senza lokho."

"Awu, ngiyakutshela, mntwana, lokho kwakungokwalabo nje abayishumi nambili." Uyona. Akazelwe nguMoya kaNkulunkulu, ngoba iBhayibheli lathi, "Lowo ozelwe

nguMoya kaNkulunkulu akabi ngongakholwayo. Uyikholwa, futhi ange. . . ” Kungani na? Kungani na? O, nakhu. IJuba likuye, limhola. Ngokuba uMoya kaNkulunkulu ukuye, futhi angeWuphike; angeke. Uma kunguMoya kaNkulunkulu, uNkulunkulu angeke aliphike iZwi laKhe uqobo. Uma ngiphika izwi lami uqobo, khona-ke ngiba ngumqambimanga. Futhi uma—futhi uma uthi unoMoya kaNkulunkulu futhi uphike iZwi likaNkulunkulu, kuphakathi kokuthi uNkulunkulu ungumqambimanga noma wena ungumqambimanga, okunye noma kokunye. NeBhayibheli lathi, "Onke amazwi omuntu awabe amanga nawaMi abe yiQiniso." Nomuntu ozelwe nguMoya kaNkulunkulu angeke angavumelani neZwi likaNkulunkulu; ufanele asho ukuthi Ungoqinisile. Angenze lutho olunye. Whewu! Leli yi—leli yiQiniso.

169 Lalelani, ake ngikufunde lokhu futhi.

> *Lowo* ozelwe *nguNkulunkulu akenzi isono; ngokuba* i*mbewu*. . .

170 Yini imbewu kaNkulunkulu na? Isithembiso u-Abrahama ayenaso, imbewu, embewini. Yini imbewu manje na? UKristu. Ngabe uKristu uyiMbewu kaNkulunkulu na? UyiMbewu kabani uma Engesiyo na? Kulungile, kulungile. UyiMbewu kaNkulunkulu.

171 IMbewu kaNkulunkulu ihlala kuye. UMoya oNgcwele uzela ukuzohlala, hhayi ukusuka emhlanganweni uya emhlanganweni, kodwa okwaphakade. Manje, uma nifuna ukuwubhala phansi umBhalo wenu walokhu, kwabase-Efesu 4:30: "Ningamdabukisi uMoya oNgcwele kaNkulunkulu enabekwa ngaye uphawu kuze kube-lusuku lokuhlengwa kwenu." IMbewu kaNkulunkulu ihlala kuye, futhi akanakona, ngoba uzelwe nguNkulunkulu. Angeke angalikholwa iZwi likaNkulunkulu.

172 Manje, uma ubona umuntu engavumelani neZwi likaNkulunkulu futhi ethi, "O, lokho kwakungokomunye unyaka," sibe isithembiso sikulowo othandayo makeze, khumbulani nje, ungongakholwayo futhi akasuye okaNkulunkulu.

Bekungangcono sime lapha, besingeke na? Sikhathi sini na? O, he! Ngine—ngi—nginje—angifuni ukubuyela lapha ngeSonto. Ake ngithole lena ngokusheshisa ngempela nje, ngempela, ngempela. Ngingayithola na? Kuhle kakhulu nje. Anicabangi ukuthi kuhle na? O, iZwi likaNkulunkulu. Kulungile.

> **Mfowethu Branham, umuntu ufanele enzenjani. . .** Ake ngiwubambe lowo ube ngowokugcina, ngithole lona lapha.

**105. Siyoba njani ekuvukeni na?**

173 Njengoba sasinjalo ngenkathi sishona phansi. Impela, ukuvuka. . . Nje—nje cabangani ngalokhu. Lencwadi iwela

phansi [UMfowethu Branham uwisa incwadi—Umhl.], futhi ngithatha lencwadi, incwadi ehlukile, bese ngiyishintshanisa. Lokho akusikho ukuvuka. *Ukuvuka* nguku "vusa okufanayo okwashona phansi." Ngabe uJesu wavuka na? Ngabe baMazi na? Ngabe Wayemi nabo, uJesu ofanayo na? "NaloJesu ofanayo owakhushulwayo, uyofika futhi ngendlela efanayo njengoba niMbonile emuka." Ukuvuka kufana nokuthi nje uma ufa; uvuka kanjalo-ke. Ufa njengomuntu osenyameni; uvuka njengomuntu osenyameni. Lokho kunjalo impela nje. Kanjalo nokuvuka kuyafana nje. Besingachitha amanye amahora amabili kukho, kodwa bekungangcono singaqali.

**106. Chaza amaHeberu 4 ne 6** (Ngokushesha impela manje, sithola lona ngokushesha impela nje.) **futhi ukuqhathanise namaHeberu 10:26—amaHeberu 6 nele 4.** (Ngiyaxolisa, 6:4, nese 10:26. Ake sibone, 10:26; kulungile, ngiyithole khona lapha. Niyabo?)

> *Ngokuba akunakwenzeka ukuba labo asebake bakhanyiswa, banambitha*. . .iziphiwo *sasezulwini, benziwa abahlanganyeli kuMoya oNgcwele,*
>
> Ba*nambitha izwi elihle likaNkulunkulu, namandla ezwe elizayo,*
>
> *Uma beyohlubuka*. . .*ukuba bazibuyisele ekuphendukeni; lokhu baphinda bazibethelela iNdodana kaNkulunkulu kabusha,*. . .*bayithela ngehlazo obala.*

174 Lokho kuhamba kuqhubeke ngqo bese kusho ukuthi yini i. . .Manje bukani. Nganginakho lokho ngobunye ubusuku. Bangaki owayelapha ngenkathi ngikuchaza lokho na? Kulungile, seniyazi-ke ukuthi kuyini. Niyabo, yilawomakholwa athiyeka emnceleni.

175 Bangaki abafunda emuva kuDuteronomi 1 lapho, lapho izinhloli zahamba zayongena ngqo lapho futhi zanambitha okwezinto zaseKhanani, okungukuthi iKhanani ayisiwo umfanekiso wesikhathi seminyaka eyiNkulungwane. Bangaki okwaziyo lokho na? Nisho ukuthi, isandla esisodwa nje? Junie. Kunjalo. IKhanani ayisiwo umfanekiso wesikhathi seminyaka eyiNkulungwane, ngoba babenezimpi, ukulwa, ukubulala, nayo yonke enye into eKhanani. Yayifanekisa oNgcwele—iKhanani ingumfanekiso kaMoya oNgcwele. IGibhithe iyizwe abaphuma kulo. Ihlane yilapho abangcweliswa khona, iBandla elibizelwe ngaphandle. IKhanani yilapho abazinza khona ngoMoya oNgcwele (niyabo, niyabo?), ngoba babesalokhu benezimpi. Futhi uma ningakholwa ukuthi ninezimpi, ake nje uthole uMoya oNgcwele.

176 Wenzani na? Wenzani eKhanani na? Babephethe amalungelo abo. Udumo! Babephethe amalungelo abo. Futhi babengenakuwaphatha amalungelo abo baze bangena

eKhanani. Babengenalutho olungolwabo ehlane. Manje-ke, nxa befika eKhanani, base-ke beba namalungelo. Futhi sinamalungelo. Uma wemukela uMoya oNgcwele, useKhanani. Ufanele ulilwele; lonke iyintshi lomhlabathi ufanele ulilwele. Yebo, mnumzane! Yingalesosizathu abantu bethi, "Mfowethu Branham, ngikhulekele namhlanje."

"Kulungile, sizobona . . . "

Ake ungene ngale eKhanani kanye, mfowethu, futhi uyaqonda ukuthi ungowakuphi. Bhekisisa umkhuleko uqala ukuphendulwa. Yebo, mnumzane! Wena uthi, "Buka lapha, Sathane. Leli ngelami! Ngingumnikazi walokhu! UNkulunkulu washo njalo! Deda! (Kunjalo, kunjalo!) Suka emhlabathini wami!" Niyabo?

"Umhlabathi wakho?" Kusho uSathane.

"Nginesitatimende setayitela kuwo. Deda! Awunayo, ngizokuthumelela inothisi ngokuqondisa kukaMoya oNgcwele." Uyadeda. Impela, ufanele.

177 Manje, manje, labo osenambithe iziphiwo zasezulwini . . . Manje, bhekisisani ngapha.

> . . . *uma sona ngamabomu* . . . (ele 10, leli elama 26 lesahluko 10.) . . . *uma sona ngamabomu emva* . . . *kokuba sesamukele ukwazi kweqiniso, akusekho umnikelo nge*sono,

178 Manje, okunye kwakho yilapho nje ukunambithile, nokulandelayo yilapho omukele khona, futhi wathola ukwazi kwalo. Manje-ke uma wona (ini na?), ukungakholwa. Manje, bhekisisani ukuthi yomibili ifundeka kanjani. Niyabo? "Uma ungakholwa ngamabomu emva kokuba sewamukele ukwazi kweqiniso . . . " Manje ake . . . Umzuzu nje, ake ngikuthole lapha.

> *Uma siyohlubuka,* si*buyiselwe qobo lwethu* . . .
>
> . . . *akunakwenzeka ukuba labo* a*sebake bakhanyiswa, banambitha* iziphiwo esihle *sasezulwini,* . . . (Basinambitha. Niyabo?) . . . *benziwa abahlanganyeli* . . . (Niyabo?) . . . *kuMoya oNgcwele,*
>
> *Banambitha izwi elihle likaNkulunkulu, na* . . . *mandla ezwe elizayo,*

179 Futhi uyaqhubeka wehlela lapha futhi uthi uma uhlezi ngqo phakathi njengamakhakhasi, njengemvula efika njalo phezu komhlaba; uma uhlezi phakathi njengamakhakhasi, uMoya oNgcwele wehla, futhi o he, waWujabulela kakhulu impela njengabo bonke abanye; kodwa mayelana nokubeka izandla zakho kuWo, noma ukuphuma nokungena, futhi usebenzela iNkosi, futhi wenza okuthize ngakho, qhabo, qhabo, ungeke wakwenza lokho. Niyabo? Khona-ke lokho kukhombisa ukuthi uMoya kaNkulunkulu awukho kuwe. Niyabo? Khona-ke uvele nje uzisongele ngaphandle. "Okuphela kwawo kungukushiswa."

180 Kodwa ngapha, uma singakholwa . . . Manje, yini isono na? Ukungakholwa. Uma into yazisiwe kuwe, bese uyasuka kuyo ngamabomu bese uthi, "A-a, angifuni kwenza lutho," emva kokuba usuyibonile, ayisoze iphinde imemeze enhliziyweni yakho. Usuphelile; kunjalo. Wo—wone wasuka osukwini lwakho lomusa. Uyabo?

> *Ngokuba uma si*ngakholwa *ngamabomu* . . . (Manje, eBhayibhelini lami nginakho kumakwe lapha lapho, ngu—u "m," u—ukufundeka emphethweni lapha, kuthi: isono—bengakholwa ngamabomu. Uyabo, uyabo?) . . . *ngamabomu emva* . . . *sesamukele ukwazi kweqiniso, akusekho umnikelo nge*sono, (Uma usuka uhambe bese wala uNkulunkulu ngamabomu emva kokuba konke kwenziwe kwaba kuhle kuwe, noNkulunkulu wakunika khona . . . Niyabo?)

> *Kepha kuphela ukulindela okwesabekayo ukwahlulelwa umlilo oshisayo, ozakuqeda* iphikankani.

> *Odelele umthetho kaMose uyakufa engahawukelwa ngezwi* likafakazi *ababili noma abathathu:*

> . . . *nithi ufanele ukushaywa* kakhulu, *kangakanani, kuyaku* . . . kunalokho *afaneleke, lowo* onyathele *iNdodana kaNkulunkulu, wadelela* . . . *isivumelwano, angcweliswa ngalo, okungengcwele, futhi* . . . *wahlambalaza* umsebenzi *womusa na?* (O, he!)

181 Kuyoba njani na? Umshumayeli, umfundisi, ake sithathe nje . . . Isizathu ngingumshumayeli, ake sithathe umshumayeli. Wenyukela lapha, uyeza uyenyuka, uzisho ukuthi ungumKristu, uhlanza impilo yakhe, lapho angasaphili khona ngokuphinga nezinto nhlobo, uphila enhle impilo ehlanzekile, wenyukela lapha; umusa kaNkulunkulu ubumuhle kuye, bese ehamba eqonda ngqo angene ekwazini uMoya oNgcwele (niyabo?), enyuke, uNkulunkulu umholela ngqo ekufinyeleleni ekwazini uMoya oNgcwele, futhi lapho uyaWubona, kodwa uthi, "Manje, linda umzuzu. Ibandla lami ngeke lakumela lokho. Ehhe. Bengingekwenze lokho. Bangangixosha. U—umkhandlu ubu—ubungangixosha. Umhlangano wabefundisi olandelayo, ngingakhishwa ebandleni." Akusekho umnikelo ngesono, ngoba wathatha lona impela iGazi elamngcwelisayo futhi laze lamfikisa lapha, ekwazini iQiniso, waLithatha njengokuthi Laliyinto engafanele futhi waLinyathela phansi kwezinyawo zakhe, emva kokuba uNkulunkulu emhole isitebhisi ngesitebhisi enyukela lapha kuMoya oNgcwele.

182 Wena uthi, "O, manje awulinde umzuzu, Mfowethu Branham." Umzuzu nje! Umoya womphikikristu uzokwenza lokho. Niziqaphelile izinhloko ezimbili zayo na? Wayengubani uJuda Iskariyothe na? Udeveli! IBhayibheli lathi wayeyindodana yokulahlwa. Yini ukulahlwa na? Isihogo.

Uyindodana yesihogo, uvela esihogweni futhi waya esihogweni. NoJesu Kristu wayeyiNdodana kaNkulunkulu, wavela eZulwini, wabuyela eZulwini. Ngenkathi bobabili befa e—eziphambanweni. . .Je-. . .Benazi yini ukuthi uJuda wafela esiphambanweni na? Bangaki okwaziyo lokho na? Wafela emthini. UJesu wafela emthini futhi. Wanqunywa, yilokho kuphela. "Uqalekisiwe ofela emthini." Futhi uvela esihogweni. Futhi bhekisisani ukuthi yini. . .Ngangokunyenya ngendlela yakhe eyongena ebandleni. . .Lokho kuphakeme ngangokuza kwakhe manje. Niyabona ukuthi angakhohlisa kanjani na? Manje, uJuda uyafika. Wayeyini na? Umphathisikhwama, umzalwane, esebenza ebandleni, umphathisikhwama ebandleni, waqhubeka wanyuka, wakholwa eNkosini uJesu Kristu, futhi walungisis-. . . [Iteyipu iphela ingaphelele—Umhl.]

